

# UPHAWU LWESIHLANU



Asikhothamise amakhanda ethu manje senzele umkhuleko.

<sup>2</sup> Baba waseZulwini onomusa, Nkulunkulu uSomandla, Owaphinde wabuyisa uJesu Kristu evela kwabafileyo, futhi uMethule kithi ngalolu izinsuku zokugcina, ngaMandla kaMoya oNgcwele, sinokubonga ngalokhu ukuvakashelwa okunamandla kukaNkulunkulu ongafiyo. Futhi manje, Baba, sibhekene nelinye ihora, ihora elingahle lishintshe isiphetho saPhakade sabantu abaningi.

<sup>3</sup> Nokusondela kulokhu, Nkosi, asanele. Ngoba, kusemiBhalweni, ukuthi, “IWundlu lathatha iNcwadi lase livula iziMpawu.”

<sup>4</sup> O Wundlu likaNkulunkulu, woza ngaphambili, siyakhuleka. Sibiza Wena, Nkosi, Mhlengi omkhulu. Woza ngaphambili futhi usikhombise icebo laKho lokuhlengwa ebelifihliwe iminyaka, usephulela loluPhawu lwesiHlanu kulobubusuku, Baba, futhi usembulela ukuthi yini ebiphansi kwaloloPhawu; ukuze sikwazi ukumuka singamaKristu angcono kunoma sinjalo manje, sikwazi ukukwenela kahle ngomsebenzi onqunyiweyo osasihlalele. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Hlalani phansi.

<sup>5</sup> Sanibona kusihlwa, bangani. Ngikuthatha lokhu njengenhlanhla enkulu ukuba ngibe lapha kulobubusuku, kulesisehlakalo esikhulu. Angazi-ndawo ebengingazizwa ngingcono kuyo, kunokuba semsebenzini weNkosi. Futhi manje ngiza ikakhulukazi kulezizifundo lapho esilinde khona nje; ukuthi Akazukusembulela yini Lona, ngeke nganinika Lona. Angizami ukusebenzisa noma yimiphi yemicabango engeyami kumbe noma yini; njengoba nje Ezosinika Lona. Kunjalo. Futhi ngi—ngineqiniso, uma ngingasebenzisi imicabango engeyami, futhi Lufika ngendlela oLwenze ngayo. Futhi impilo yonke aLukaze lube nephutha. Ngeke Lube nephutha ngalesisikhathi.

<sup>6</sup> Manje, nje ngokukakhulu impela, sinokubonga impela ngalokho Asenzele khona, isandla esiyimfihlakalo kakhulu sikaNkulunkulu ophilayo! Yini into ebingankulu kakhulu, besingaba ngabantu abanenhlanhla kakhulu kangakanani, kunokuba sibe phambi kwethu neNkosi yamakhosi, uMbusi wababusi na?

<sup>7</sup> Besingathi mhlawumbe sishaye izimpempe futhi—futhi sigxumeke amaflege, futhi sendlale okhaphethe nayo yonke into, ukuba uMongameli wesizwe eze edolobheni. Kodwa, cabangani nje, lokho bekungalunga konke, futhi bekungaba ngukuhlonishwa edolobheni.

<sup>8</sup> Kodwa cabangani. Kwelethu elincane, itabernakele elithobile, kulobubusuku, simema iNkosi yamakhosi, uNkulunkulu. Futhi asi . . . Akafisi ukuba kuphoswe okhaphethe bakhishwe, kanjalo njalo. Ufisa izinhliziyi ezithobile ukuba zendlalwe, ukuze Akwazi ukuthatha lezizinhliziyi ezithobile bese embula kuzo i—izinto ezinhle Azibekele bonke labo abamthandayo.

<sup>9</sup> Manje, sicele . . . Futhi nginobufakazi engithanda uku—ukubunikeza. Manje, uma ngiphaphalaza kulokhu; ngakuzwa nje, futhi kungenzeka ukuthi ngibe nephutha. Kodwa ngicabanga ukuthi abantu balapha, nokuthi ubufakazi buphathelene nabo.

<sup>10</sup> Kwase kuthi-ke, ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, ngenkathi ngangiphandle ngiya ekhaya lami manje, e—eArizona, sathola u—ucingo olwathi kwakukhona umfana omncane owayenemfiva yofehlane. Nalokho kuya enhliziyweni. Futhi wayenje kwesi . . . Uyise nonina bangabathandekayo impela, abangani bami abayigugu. Kwakungomunye wabadikoni bakithi lapha, bebandla, uMfowethu Collins. Umfana wakhe omncane, uMikey omncane, umngane kaJoe adlala naye, wayephethwe yimfiva yofehlane yenhliziyo. Nodokotela base bemthumele ekhaya, bamfaka embedeni, futhi batshela abazali ukuba bangamvumeli ngisho avuke, angavusi ngisho nekhanda lakhe, aphuze amanzi. Awaphuze ngestrowu; wayemubi kabi. Nabazali, bethembekile, uza etabernakele lapha, futhi uyakholwa.

<sup>11</sup> Futhi ebusukwini obumbalwa obedlule, singazami ukulinda, samemezela izinkonzo zokuphilisa ngeSonto. Kodwa, ngokubona ukuthi sasizodingeka siphendule imibuzo, ngakho-ke sadingeka siyiyeke inkonzo yokuphilisa.

<sup>12</sup> Kwase kuthi-ke nganginento ethize encane engangikade ngiyigcina kwingaphakathi lami, enhliziyweni yami.

<sup>13</sup> Nomama nobaba babefuna ukwazi ukuthi babengamletha yini umntwana e—ekamelweni. Base beletha umfo omncane phandle lapho, noMoya oNgcwele wammemezela ukuthi wayesephilisiwe.

<sup>14</sup> Futhi ngakho, abazali, benokukuhlonipha lokho, bathathe umfo omncane bamyisa ekhaya base bemqhubela esikoleni, nje bamqhubela esikoleni.

<sup>15</sup> Udokotela wakubamba, ngakho udokotela akathokozanga sampela ngento enjengaleyo. Ngakho, watshela umama ukuthi ingane ifanele ibe sembhedeni, kusobala. Futhi umxoxela indaba. Futhi ngicabanga ukuthi indoda iyi, ngiyaqonda, iyikholwa elingumKristu, ngehlelo. I—iSeventh-day Adventisti, udokotela uyiyo. Futhi ngakho wathi, “Awu, ubufanele . . . sekuyisikhathi somntwana, sami ukuba ngimhlole.” Wathi, “Benifanele, okungenani, ahlolwe.”

Wathi, “Kuhle kakhulu.”

16 Bamehlisa umntwana, nodokotela wamhlola, kwegazi, lapho imfiva yofehlana ihlezi khona. Futhi ngakho ngiyaqonda ukuthi udokotela wamangala kabi akazanga ukuthi enzenjani. Umfana omncane uphila saka, use kahle futhi usindile, akukho...?... kwatholakala.

17 Manje, ngabe abakwaCollins balapha na? Ngingahle ukuba ngikuxoxe ngokungesikho lokho. Ngifuna...Ngabe kunjalo, Dadewethu Collins na? Ya. Kulungile. Ya. Lowo nguMikey Collins omncane, othi nje akabe neyisithupha, iminyaka eyisikhombisa ubudala.

18 Futhi lokho kwenzeka ekamelweni ngqo, cishe ebusukwini obuthathu obedlule. O, ba...Kwafanele kube nguMuntumumbe kulelokamelo ngaphandle kwesidalwa esingumuntu! Kwakungu—nguJehova omkhulu nonamandla, kunjalo, ozela ukuzohlolipha iZwi laKhe. Futhi ngi—nginokubonga kakhulu ukuzwa lokho. Niyabo? Ngiyazi sinokubonga sonke. Akusimina kuphela, kodwa sonke sinokubonga, ngoba ukuba-ke lowo beku—bekungumfana wakho omncane noma umfana wami omncane na?

19 Futhi, khumbulani, nginikeza ubufakazi, nje njengobubodwa nje, futhi ngicosha obubodwa lapha nalaphaya. Kwenzeka ndawo zonke, kodwa ukunazisa nje ukuthi—ukuthi inkonzo yami yangempela isekuphiliseni ngokukaNkulunkulu. Kodwa ni...Ngilapha ngenxa yeziMpawu. Ngoba, kamuvanyana, nizoqonda ukuthi kungani ngidingeke ngenze lokhu. Futhi, ngakho, angisuye uthisha, angisuye usiyazi wezenkolo. Nje ngi—ngikhulekela abagulayo, futhi ngiyayithanda iNkosi. Futhi manje, manje kulokhu, nokho, ukuthi...

20 Izolo ebusuku sinikeze ubufakazi ngentombazane encane... Nginalo igama layo. NoBilly unalo lapha manje, ndawondawo, lomzali nokuthi bangobani. Nalentombazane encane yayisisesigabeni sokugcina selukhemiya umdlavuzwa wegazi, cishe nje...Nje kabi kakhulu ngangokuthi babengakwazi ukuba babe besayifunza ngalomlomo; yayifanele i...igazi layo lalimpontshelwa ngemithambo. Futhi yayiyintwana enhle. Yayisencane ngeminyaka yayo, cishe njengalelinenekazi elincane lapha, ngiyethemba. Kodwa yayithi ayiphakeme *kangaka*, impela...Babefana neningi lethu. Wawungabona ngomntwana ogqokisiwe, ukuthi...nabazali, ukuthi babempofu ngempela, nje bempofu ngempela, futhi, ngakho, kodwa behlonipha ngempela. NoMoya oNgcwele wamemezela ukuthi lowomntwana usephilisiwe.

21 Manje, cabangani nje ngalokho, inelukhemiya umdlavuzwa wegazi, lowomfo omncane. Negazi lalilibi kakhulu ngangokuthi ababange besakwazi ngisho nokumfunza ngomlomo. Wayefanele athathe, aye esibhedlela futhi athathe igazi,

noma ukulimpompela ngemithambo, afunzwe; ngiqagele, ushukela, kumbe noma ngabe yini. Angazi ukuthi magama mani ezemithi elenza lesosifo, kodwa, nokho, wayefanele afunzwe ngaleyondlela. Futhi ngaphambi kokuba umntwana asuke endaweni, wakhalela ihembega.

<sup>22</sup> Nabazali, emva kokuba sebemzwile uMoya oNgewele, ngo ISHO KANJE INKOSI, niyabo, ba...Futhi, bona, izihambi, wayengakaze abe ngapho ngaphambili. Kodwa ba...I—izithandani ezindala ezingamagcokama ababesanda kuzitholela izihlalo, imizuzu embalwa edlule, uMfowethu noDade Kidd, wayebayalile ngokuthi benzeni, nokuthi bakhalelele ini. Nomntwana udla ukudla kwakhe esendleleni eya elaya.

<sup>23</sup> Izinsuku ezimbili noma ezintathu emva kwalokho, esikoleni. Futhi babeye kudokotela, nodokotela wamangala kakhulu! Wathi, “Akukho ngisho nowodwa umkhondo welukhemiya umdlavuza wegazi owatholakala kumntwana.” Niyabo? Manje, lokho kungokuthe phazi, kumaka, aMandla kaNkulunkulu uSomandla, ukuthatha umgudu wegazi bese ewukhuculula, ngqo kanjalo, no—nokubeka ukushaya kwemithambo ko—kokuphila okusha emuva phakathi lapho. Isizathu, umgudu wegazi wakho—wakho uyimpilo yakho, esazofa. Nokudala amangqamuzana amasha okuphila, futhi akhuculule amadala! No—nokuyikho, ngokoqobo yi...Ngingasho lokhu, kuyisenzo esidalayo sikaNkulunkulu uSomandla; ukuthatha u—umgudu wegazi osuwoniwe ngumdlavuza, waze wathi umfo omncane, eseyelo futhi ekhukhumele, futhi, phakathi nje kwesikhathi esiyimizuzwana embalwa, umgudu wegazi omusha sha!

<sup>24</sup> Ngikholwa ukuthi...angizukukukhuluma eGameni laKhe; ngizokukhuluma kokwami...esambulweni sokukholwa kwami, ukuthi kwenzekani eSabino Canyon ngolunye suku. Ngikholwa ukuthi ihora liyasondelela, lapho izitho ezishodayo zizobuyiselwa, naMandla oMdali akhazimulayo. Ngi—ngiyakholwa, uma Engenza ingwejeje ibonakale, lokho akuna...Nangu owesilisa noma owesifazane, nje unengxenye eshodayo. Naleso yisilwane esiphelele, kuso uqobo. UnguNkulunkulu. Ngi—ngiyaMthanda.

<sup>25</sup> Awu, manje, ngiqala ngalezozindaba, futhi nje sixoxa siqhubeke. Nabantu bezungeze izindonga, futhi bemi emahholo namakamelo, kanjalonjalo, ngakho ngizoqonda ngqo eMlayezweni.

<sup>26</sup> Futhi ngifuna ukusho lokhu, futhi ngifuna ukubonga kuYe Osezindaweni zonke. Futhi, ukuthi, namhlanje, ngingazi neyodwa into ngoPhawu lwesiHlanu, Lufike ngaleyondlela eyimfihlakalo efanayo, kulokhu ukusa, cishe ihora nje ngaphambi kokuthi kuse, ngenkathi ngiphumele emkhulekweni. Futhi namhlanje... .

<sup>27</sup> Ngihlale nje lezi ezinhlanu ezedlule noma izinsuku eziyisithupha, nje ekamelweni elincane, ngingaboni noyedwa.

Nje ngiphume bese ngidla ukudla kwami no—nomngani, nabanye babangani bami lapha. Futhi, kusobala, niyazi ukuthi ubani lowomngani, nguMfowethu noDadewethu Wood. Ya. Futhi—futhi niyazi, ngase ngiwelela lapho futhi—futhi ngihlale nabo, futhi wonke umuntu ubekahle. Futhi akukaze kubekhona lutho, nje kalula. . .

<sup>28</sup> Ngizama ukuhlala ngqo nalowoMlayezo waleziziMpawu. Lusemqoka. Ngikholwa ukuthi yi—yihora lesikhathi sokwembulwa kwaLo, lesambulo saLo.

<sup>29</sup> Futhi manje ngifuna niqiniseke manje, kuse eli, ngaphambili, masinya nje uma ningakwenza, nibhale kugqame ukuqonda kwenu okungaziwa kwa—kwaleziziMpawu eziyisiKhombisa, uma ninayo, bese niyibeka phezu kwedeski. Futhi mhlawumbe uMfowethu Neville noma omunye umuntu angahle abeke ibhokisi phezulu lapha. [Omunye uthi, “Nanti ibhokisi.”—Umhl.] O, lapha—lapha, ngiyayibona manje. Lokho kuhle. Ngiqoka ukuba nayo kulobubusuku, engingahle mhlawumbe ngiyifundise isikhashana, yangeSonto ekuseni. Manje, ninga, kulesisikhathi, ngaso lesisikhathi, ningakwenzi kube ngokwezicelo, nihi, “Ngabe ubufakazi bokuba noMoya oNgcwele *yilobu* na?” Niyabo? Ngi—ngithanda ukwazi nge, engifundise ngakho, niyabo, ukuze sithole lendaba eyodwa (njengeminyaka yebandla) ngqo, niyabo, ngoba yilokho esisebenzana nakho manje.

<sup>30</sup> Manje, njengokuthi besizokhulekela abagulayo, manje-ke lokho kuthatha mhlawumbe umkhuleko o—ohlukile. Futhi ugcotshiwe, ungenela into ehlukile, niyazi. Futhi ufuna uNkulunkulu, ukuthola, “Ngabe uzobakhona umuntu lapho kulobubusuku, Nkosi?”

<sup>31</sup> “Yebo, kuzoba ngumuntu ogqoke ingubo ephuzi, ehlezi ekhoneni elingakwesokudla. Futhi uma umbiza, umbize ngalokhu. Futhi uthi wenze *kanje nakanje*. Futhi unos’*bani-bani*.” Bese wehlela lapho bese uyabhekisisa, futhi nango. Niyabo? Nakho lapho okhona, niyabo. Kwehlukile. Niyabo?

<sup>32</sup> Nangalendlela, ngiyakhuleka, “Nkosi Jesu, yini ukuhunyushwa kwaloLu na? Ngembulele Lona.” Amen.

<sup>33</sup> Manje asikhiphe iziNkemba zethu—zethu futhi manje, futhi, iZwi.

<sup>34</sup> Futhi ngiyaluthokozela uxhaso lokomoya lukaMfowethu Neville, kanjalo nothando lwakhe lobuzalwane, emuva lapha emva kwami, engikhulekela. Futhi nonke niphandle lapho, futhi. Futhi, manje, kulobubusuku kungoLwesihlanu ebusuku, sizozama, sikwenze nje njenge. . . si. . .

<sup>35</sup> Ungeke wenzeke ushaye zonke izinto. U. . . Isizathu, ubungaluthatha Lolo, olunye nje lwalezoziziMpawu, futhi uhlale, nje—nje uLulethe ngomBhalo ngqo, kwehle ngqo. Niyabo? Bekungathatha izinyanga nezinyanga nezinyanga,

futhi ubusayolokhu ungenaLo, ngoba u—uPhawu qobo Lwalo lubopha umBhalo wonke, kusukela kuGenesisi kuya eSambulweni, uPhawu olulodwa kuLo.

<sup>36</sup> Ngakho engizama ukukwenza, ngukuthi, ukuvikela ukudeda kuLo, ngizobhala phansi umBhalo, noma—noma inothi elincane lapha ndawondawo, futhi ngivimbele e... Nje ngiyilokhu ngihlezi kuleyonto eyodwa, ngifanele ngibhekisise emuva, ngoba, kuphela ngi... Ngikhuluma, ngikhuluma nge—ngendlela... ngi—ngithemba ukuthi ngukuphefumulelwa okuyikho. Bese kuthi—ke uma ngi—uma ngibuka phansi ukuba ngibone i... Futhi ngi—ngiqala ukukhuluma, futhi ngizizwa ngichezuka endabeni, ngizojika, ngibheke emuva ngenye indlela, ukuzama ukuthola omunye umBhalo, ukufika kulokho, niyabo, ukuthi ukukukhanyisa kancane ngakulolohlangothi, esikhundleni sokuzama ukuqhubeka nalokho.

<sup>37</sup> Futhi ngakho manje sizofundisisa kulobubusuku, ngomusa kaNkulunkulu, ngosizo lwaKhe, u—uPhawu lwesiHlanu. Futhi Lungolufishane. Luthe ukuba ludanyana kunolunye. Abagibeli bamahhashi abane, manje, kwakungamavesi amabili lilinye, nalokhu ngamavesi amathathu kulolu. Manje, uPhawu lwesiHlanu luyaqala, isahluko 6 seSambulo, ivesi 9.

<sup>38</sup> Futhi, manje, ukuba ubungenzeka ube yi—yisihambi ebesingakawezwa lamahhashi amane, awu, u... Niyabo, ngezinye izikhathi u—uvele uthi qethu no—nohlobo lokubethela into ethize, futhi, uma wenza, ubheke abantu ukuba baLuqonde. Ngakho uma kunento encane ethize ongayiqondi, awu, ukuthi nje ukubekezela kancanyana. Noma, thola iteyipu uLulalele, futhi—futhi ngineqiniso uyo—uyothola isibusiso kuLo. Ngisitholile. Ngi—ngithemba ukuthi u—uyakwenza.

<sup>39</sup> Manje, wonke umuntu akalungele, kusukela evesini 9 manje kuya kwele 11, noma kufaka nele 11.

*Nalapho selivulwa uphawu lwesihlanu, ngabona phansi kwealtare imiphefumulo yababebulewe ngenxa yezwi likaNkulunkulu, nangenxa yobufakazi ababenabo:*

*Futhi bamemeza ngezwi elikhulu, bathi, Koze kube-nini, O Mbusi ongcwele noqinisileyo, ... hluleli uphindisele igazi lethu kulaba abakhileyo emhlabeni na?*

*Base benikwa kwaba yilowo nalowo ingubo ende emhlophe; kwashiwo kubo, ukuba baphumule—isikhashana, baze baphelele abayizinceku kanye nabo... bazalwane babo, ababezakubulawa njengabo, kufanele kugcwaliseke.*

<sup>40</sup> Manje, lokhu kuthi ukuba yimfihlakalo. Futhi manje ngenxa yamateyipu, nabafundisi basesontweni nothisha ohlezi ekhona, manje, uma ninombono ohlukile kuLolu; nganginawo, nami.

Kodwa ngiLuthatha nje ngokuphefumulelwa, ngokuphelele okushintshe umbono wami ngaLo. Niyabo?

41 Bese-ke ngiyathola, njengoba nibona lezi zembulwa, Lunamathela emuva ngqo futhi luletha leyominyaka yebandla nemiBhalo ndawonye ngqo, nokuLubopha. Niyabo? Futhi yingalesosizathu engikholwa ukuthi Luvela kuNkulunkulu. Manje, siyakuqonda lokho.

42 Futhi ngicabanga ukuthi ngezinye izikhathi sithembela kulokho omunye uthisha omkhulu angahle ukuba wakusho ngaLo. Niyabo? Nalokho—lokho kulungile. Angingxeki uthisha, nhlobo nhlobo. Futhi angixeki-muntu. Ngigxeka isono nje, ukungakholwa; muntu.

43 Nabanye abantu bathe, “Ugxeka inhlango.” Qhabo, angiyigxeki. Ngi—ngigxeka inqubo yenhlango; hhayi abantu phakathi lapho, iqembu labantu elenza inhlango, niyazi. Kodwa inqubo ababuswa ngayo, yilokho engikugxekayo, iKatolika neProtestane, kuyafana. He! Ngi. . .

44 Abanye babangani abedlula bonke e—e—engibaziyo, bangamaKatolika, nje. . .? . . . Niyaqonda yini. . . Nendoda ingahle ukuba ihlezi lapha kulobubusuku, mhlawumbe ihlezi. Indlela kuphela esathola ngayo ukuthi kwakhiwe lelitabernakele, yingoba iRoma eliKatolika lama ngezinyawo zalo enkantolo lapho, futhi laya ngaphambi kwami, futhi, mfana, sengathi kwakungekho-muntu owayengakwenza. Kunjalo. Futhi abakwazanga ukukwenqaba. Kunjalo.

Futhi lathi, “Babenokukufanekisela, ‘Abantu abaningi kakhulu.’”

45 Lathi, “O, lokho ngeke kwenza abangamashumi ayisishiyagalombili ngaphezulu kulelobandla, kunjalo.” Lathi, “Lelobandla limi lapho.” Lathi, “Ngi—ngiyamazi umelusi, nabo bonke kunjalo.” Futhi lathi, “Lelobandla kade lilapho.” Lathi, “Nonke nina abanye ningenezela kulo, pho kungani bengenakuba nalo na?” IRoma eliKatolika, umngani wami olungileyo. Niyabo? Yebo, mnumzane.

46 U—umfana oyi—yiKatolika, umngani wami wangempela wasebukhosini, wayekhuluma nami. Wayenesitolo esithize sezimpahla zensimbi; ngaphambi kokuba ngihambe. Wathi, “Billy, ngi—ngiyazi awukholelwa enqubweni yethu yenkolo.” Wathi, “Kodwa ngiyakutshela khona manje,” wathi, “UNkulunkulu uyihloniphile imikhuleko yakho kakhulu impela enzela thina! Ngiyakholwa, uma ungena enkathazweni nomaphi esizweni,” wathi, “lonke iKatolika ezweni liyoza kuwe.” Ngakho, niyabo, lokho yi. . .

47 Wathi, “Bonke omhlane unes’phambano,” wakubiza kunjalo. Ngizokuxoxa nje ngendlela nje enza ngayo. Kusobala, bazisho ukuthi bayilokho ngoba amaKristu angasekuqaleni ayethwala isiphambano emahlombe awo. Siyakwazi lokho ngomlando.

Futhi bazisho ukuthi bangumKristu wangasekuqaleni, okungukuthi babeyiwo, kodwa inqubo ibachezukisile kuleyondlela yezinyawo, niyabo.

<sup>48</sup> Nalabobantu, iKatolika, noma iJuda, kumbe noma ngabe kuyini, bayisidalwa esingumuntu esivela emthini ofanayo esivela kuwo thina. Niyabo? Kunjalo. Ba—bangabantu abathandayo, nabadlayo, nabaphuzayo, nabalalayo, futhi njenganoma ubani nje omunye. Futhi ngakho asifanele neze sigxeke abantu ngamunye, qhabo, akukho noyedwa, niyabo. Kodwa, asifanele sigxeke abantu ngamunye.

<sup>49</sup> Kodwa, njengomfundisi, ngifanele ngiyishaye leyonyoka phandle lapho, eluma kulabobantu, niyabo. Futhi angi—futhi ngisho angi. . .Mina nje, nami qobo lwami, bengegeke ngakwenza lokho ukuba kwakungesikho ukuthunywa okuvela kuNkulunkulu, ukuthi ngibophezelekile ukuba ngikwenze, niyabo. Futhi ngifanele ngikubambe lokho ngeqiniso nokwethembeka.

<sup>50</sup> Kodwa uma iKatolika, iJuda, kumbe noma ngabe wayeyini, eza lapha; uma wayengokaMohamede, iGriki, noma owebandla loMthetho, kumbe noma angahle abe yini. Uma eza lapha ukuba akhulekelwe, ngiyokhuleka nje ngobuqotho impela njengoba bengenenza kwabakithi uqobo. Kunjalo. Impela, ngoba yisidalwa esingumuntu. Futhi ngikhulekele abakaBuda, namaSikh, amaJain, abakaMohamede, na—nalo lonke uhlobo, niyabo, kanjalo. Futhi angibabuzi mibuzo; ngivele ngibakhulekele nje, ngoba bangumuntu othize, isidalwa esingumuntu esifuna ukusinda, futhi ngizama ukwenza impilo ibelulana endleleni yabo.

<sup>51</sup> Manje siyaqonda, ukuthi, kulokhu, nabaningi benu lapha ngiyabazi, kukhona okungenani izifundiswa ezimbili ezinkulu zangempela ezihlezi lapha. Futhi—futhi zismati, futhi zafunda kwezinye—kwezinye izimfundiso zamadoda ngalendaba. Futhi ngifuna lababazalwane ukuba bazi ukuthi a—angiwaqxeke lamadoda. Ngigcizelela kuphela lokho iNkosi engibonisa khona. Futhi yilokho kuphela enginakho.

<sup>52</sup> Manje, asifuni ukuba singakucabangi neze lokho, ngoba omunye wesifazane owashayo noma—noma umfana omncane olima ngegeja lezinkabi phandle lapho, ubengesithole isambulo esivela kuNkulunkulu. Ngoba, niyabo, ku. . .uNkulunkulu, empeleni Uzembula Yena uqobo ebululeni. Lokho ngukuthi, sibe nakho lokho ngeSonto, ukuqala sisuke ngakho, ukuthi Uzembula kanjani Yena uqobo ebululeni baKhe. Yilokho okuMenza abe mkhulu.

<sup>53</sup> Manje ake—ake nje ngi. . .Ake nje ngibuyekeze lokho okomzuzu nje. Okwenza uNkulunkulu abe mkhulu, yingoba Angazenza Yena uqobo abe lula kakhulu. Yilokho okuMenza abe mkhulu. UNkulunkulu mkhulu, futhi angazenza Yena uqobo



ngesimo esilula kabi ngangokuthi abahlakaniphile balelizwe ngeke baMthola. Nje bangeMthole, ngoba Uzenza Yena uqobo abe lula kakhulu. Manje bhekisisani. Futhi lokhu, kukho uqobo, kuyimfihlakalo yesambulo sikaJesu Kristu. Niyabo? Lokhu, kukho uqobo, ukuthi i. . . Kukhona. . . lutho olungaba lukhulu ukwedlula uNkulunkulu. Futhi awukwazi ukwenza noma yini ibe lula nje njengoba Ezenza Yena uqobo abe lula. Niyabo, yilokho okuMenza abe mkhulu. Niyabo?

<sup>54</sup> Manje, indoda enkulu, ingathi nje ukuthola ukuba nkudlwana, noma mhlawumbe ingaqhotha iye phansi bese ithi, “Sawubona?” kuwe, niyabo, noma into efana naleyo. Kodwa ingeke yazeza ibe ncane. Kunento ethize nje ngayo. Ingumuntu. Ingeke nje yazeza ibe ncane. Isizathu, uma isifika ekwehleni ibe ncane kakhulu, khona-ke, into yokuqala niyazi, izofanele ikhombe kulokho okwenziwa ngomunye umuntu, nakanjalo. Bese-ke iqala ukuzihoshela emuva futhi, niyabo.

Kodwa, indlela eya phezulu iphansi, kuNkulunkulu. Yebo.

<sup>55</sup> Abahlakaniphileyo bezwe uyazama, ekuhlakanipheni kwabo, ukuMthola. Bagibela kuphela basuke kuYe, ngokwenzajalo. Niyabo, abahlakaniphileyo bezwe, uma uzama ukuchaza into ethize ngezibalo ezithize noma enye into. Khumbula, Uze wakubeka ngisho. . . EBhayibhelini, eRevel- . . . Qhabo, ngiyaxolisa.

<sup>56</sup> UIsaya 35, ngikholwa ukuthi nguye, ukuthi ngisho nokuthi kulula kakhulu—kakhulu ukuthi ngisho u—u—umuntu oyihlongandlebe ubengaLuqonda. Niyabo? O, “Ngisho nesiwula asiyikuduka phakathi kukho.”

<sup>57</sup> Abahlakaniphile ukugeja kude, ngokuhlakanipha kwabo, beqhela kuYe, ngokuzama ukuMthola ngokuhlakanipha. Manje, ningakukhohlwa lokho. Lokho kuzoteyishwa, niyabo. Abahlakaniphile, ekuhlakanipheni kwabo, bayakude kakhulu ukuba bazame ukuMthola ngokuhlakanipha kwabo, bayaMgeja, niyabo. Ukuba bebengaba bakhulu ngokwenele ukuba babelula ngokwenele, bebengaMthola. Uma umkhulu ngokwenele ukuthola okwenele okulula! Niyakubona lokho na? Futhi, niyazi, lokho—lokho ngempela yiQiniso.

<sup>58</sup> Ngike ngayonga kubantu, emaofisi abo, kanjalonjalo, ababengamadoda ngempela, amakhulu, amakhosi, niyabo, namakhosi anamandla, amakhosi amakhulu, futhi ngokuvamile angamadoda amakhulu. Manje-ke, ngike ngangena ezindaweni lapho umfo enokushintsha izingubo, mhlawumbe omunye umfundisi owayefuna ukuphikisana nami isikhashana, futhi wena—wena ubungacabanga ukuthi izwe belingephathwe ngaphandle kwakhe, niyabo. Nalokho—lokho nje ngukukhukumala ekhanda, niyabo. Kodwa, i—indoda enkulu, indoda enkulu ihlala phansi futhi izame

ukukwenza ucabange ukuthi uyindoda enkulu. Niyabo? Niyabo, ingazithoba.

<sup>59</sup> Futhi, niyabo, uNkulunkulu mkhulu kakhulu Angaze Azithobe, indawo, ukuthi isidalwa esingumuntu ngeke sadilikela phansi size siyofika lapho, niyabo. Yilokho kuphela. Futhi kokwabo. . .

<sup>60</sup> Futhi bazama ukuMthola. Manje bukani. Bazama ukuMthola ngokuthumela abafana esikoleni, futhi ethola iqhuzu leZiqu zobuCiko. Futhi—futhi bazama ukuKuthola ngegama lesayense yezenkolo ye—ye—ye—yeBhayibheli. Futhi bazama ukuMthola ngezinhlelo zemfundo, nangezinhlelo zenhlangano, nangokwenza buhle izinto, futhi bezama ukuthola. Akekho lapho, nhlobo. Ulwa nomoya nje, yilokho kuphela. U—uyadeda kuKho.

<sup>61</sup> Bebeyoba bakhulu ngokwenele ukuba—ukuba babelula ngokwenele, bebeyoMthola kulowomkhakha, ngokuba lula. Kodwa inqobo nje uma uya ngasekuhlakanipheni, uyadeda kuYe.

<sup>62</sup> Manje ake ngikuthole lokho ukuze ningakugeji. Inqobo nje uma uzama ukuthola uNkulunkulu ngokuhlakanipha, njengoba kwakunjalo ensimini yase-Edene, njengoba kwakunjalo ngezinsuku zikaMose, njengoba kwakunjalo ngezinsuku zika—zikaNowa, njengoba bekunjalo ngezinsuku zikaKristu, ngezinsuku zikaJohane, ngezinsuku zabaphostoli, nakulolusuku! Uma uzama ukuKulinganisa, futhi uzame ukuthola uNkulunkulu ngokuhlakanipha, uyaqhela kuYe ngaso sonke isikhathi. Uzama ukuKuqonda. Ayikho indlela yokukwenza. Kwemukele nje. Niyabo? Kukholwe nje. Ungazami ukuKuqonda.

<sup>63</sup> Ngeke ngaqonda ukuthi kungani, ukuthi, awu, inqwaba yezinto. Akusizo izinto eziningi engiziqondayo noma engingaziqonda. Ngeke ngaqonda ukuthi kuba kanjani ukuthi lomfo osemusha ohlezi lapha odla ukudla okufanayo engingakudla, futhi—futhi, nangu, unekhanda eligewele izinwele, mina anginazo. Angikuqondi. Bangitshela ukuthi kwenziwa isakhamzimba ikhalsiyamu; futhi angikwazi ukugcina izinziphu zami zinqunywe ngokwenele, futhi kungekho-zinwele nhlobo ukuba ngizigunde. A—angikuqondi lokho. Njengesisho esidala sithi, ngi. . .

<sup>64</sup> Kungesikho nje ukushintsha iphozishini, ukuba semqoka impela; kodwa, Lusemqoka impela, kodwa angikafiki oPhawini okwamanje.

<sup>65</sup> Ukuthi inkomazi emnyama ingabudla kanjani utshani obul'hlaza, futhi ikhiphe ubisi olumhlophe, luphehlwe lube yibhotela eliphuzi! Impela ngi—ngingeke ngakuchaza lokho, niyabo. Isizathu, niyabo, okunye kungumkhiqizo wokunye. Nokuthi kwenza kanjani, ngeke ngakuchaza.

66 Ngeke ngachaza ukuthi ima kanjani iminduze emibili, noma izimbali ezimbili, zohlobo olufanayo, nenye ibomvu, nenye iphuzi, nenye insundu, nenye il'hlaza okwesibhakabhaka. Angikufondi. Ilanga elifanayo phezu kwazo. Uvelaphi umbala na? Niyabo? Ngi—ngingeke ngakuchaza, kodwa nokho ufanele ukwemukele.

67 Ngifisa nje sengathi usiyazi omkhulu wezenkolo othize ubengangichazela ukuthi lomhlaba uma kanjani emkhondweni. Ngifisa sengathi ngokwesayense ubungangiphosela ibhola emoyeni, liphenduka, bese uliyeka lenze umzungezo wesibili, endaweni efanayo. Ubungeke ukwenze. Kepha nokho lokhu kube ngokwesikhathi ngokuphelele baze bakwazi ukusho ngokufiphala kwelanga emzuzwini, iminyaka engamashumi amabili kusukela manje. Abanawashi noma iwashi elikhulu, kumbe noma yimuphi uphisi womshini, lokho yilokho kuphelela. Kepha nokho umi lapho. Futhi, manje-ke, uncike ngokuqethuka. Ukuba-ke ubungake uthi ukuqonda kancanyana na? Ya. Uzenza wena nje isithutha, ukuzama, niyabo.

68 Ngakho, niyabo, ungazami ukuthola ukuhlakanipha, ukuba uqonde. Kholwa nje lokho Akushoyo. Futhi uma uthola ukuba lula kakhulu, khona-ke ulapho-ke, uzoLuthola. Manje, nginokubonga kakhulu ngalokho, ukubonga ukuthi Unjalo, Uzenze waba lula. Manje, siyathola, isahluko 6 nevesi 9. Angiqale manje.

*Nalapho selivula uphawu lwesihlanu, ngabona phansi kwealtare imiphefumulo yababebulewe ngenxa yezwi likaNkulunkulu, nangobufakazi . . . ababenabo:*

69 Qaphelani, akukho kuphathwa kwesinye isiDalwa, noma iSidalwa esiphilayo—esiphilayo, kulokhu ukumenyezela koPhawu lwesiHlanu. Manje khumbulani, sasikhona, oPhawini lweSine. Sasikhona, oPhawini lokuQala, olwesiBili, olwesiThathu, nolweSine, kodwa asikho silapha. Niyabo?

70 Manje, uma niqaphela, asibuye sifunde nje, olunye lweziMpawu. Asibuyele oPhawini lweSine, niyabo. Nalelo yivesi 7.

*Nalapho livula uphawu lwesine, ngezwa izwi lesidalwa sesine sithi, Woza . . . bona.*

*. . . se . . . livula uphawu lwesithathu, ngezwa izwi lesi—lesidalwa sesithathu sithi, Woza ubone.*

*. . . lesidalwa sesibili . . . Woza . . . bona.*

*. . . nesidalwa sokuqala sithi, Woza ubone.*

71 Kodwa manje-ke uma sifika oPhawini lwesiHlanu, akukho isiDalwa. Manje qaphelani nje.

*Nalapho selivula uphawu lwesihlanu, ngabona phansi kwealtare . . .*

<sup>72</sup> Masinya impela! Niyabo, akukho—akukho—siDalwa lapho. NesiDalwa simele amandla. Siyakwazi lokho, niyabo. Akukho Sidalwa esiphilayo.

<sup>73</sup> Manje, esinye salezoZidalwa, siyathola, ekufundisiseni i—i—isambulo emabandleni, ukuthi esinye sazo sasine... sasiyingonyama; nesinye—esinye sasiyinkabi; nesinye sasingumuntu; nesinye sasiwukhozi. Siyathola, eminyakeni yebandla, ukuthi lezoziDalwa ezine, zichaza amandla amane, sabuthana ngaseZenzweni zabaPhostoli, ngendlela nje i— itabernakele ehlane. Futhi niyakuqonda, ngoba ngeke ngithathe isikhathi ukungena kukho. Ukuthi sikudwebwe kanjani lapha, futhi sakhombisa khona impela nje! Babeqaphe Lokhu, iWundlu neZwi, ukwenza iZwi njengoba nje benza e—emphongolweni wesivumelwnao eNdaweni eNgcwele ehlane, kanjalonjalo.

<sup>74</sup> Manje, size sakhombisa ngisho ngokwendawo eyiyonayona, ngemibala yobuzwe bakwaIsrayeli, nange... Bangaki abezwa i—iminyaka yebandla eyisikhombisa na? Ngiqagele iningi liyizwile, uhhafu, ababili kwabathathu benu. Qaphelani, ukuthi ngisho nemvelo yesiDalwa yayiyisibonakaliso sesizwe impela, okuyindlela isine... izizwe eziyishumi nambili ezibekwayo, ezine ohlangothini ngalunye, noma—noma izizwe ezintathu ohlangothini ngalunye. NeziDalwa ezine ziyahlala futhi zaqapha, lezizizwe, kuzo zonke izindlela ezine.

<sup>75</sup> Futhi, ngenkathi, sihambile sase sithola amaVangeli, futhi sikhombisa impela. Uma ungena emphongolweni, kwakukhona abalinda umphongolo, isivumelwano. Bese sithola—ke ukuthi isivumelwano seBandla elisha, ukumelwa kwaLo emhlabeni, kwakunguMoya oNgcwele. IGazi lalithunyelwe labuyiswa, kithi, uMoya oNgcwele. NeziDalwa ezine zazimele, futhi njenge—ngezizwe eziyishumi nambili zakwaIsrayeli, lapho silindle. Futhi sithola izimvelo zazo, nokuthatha leyomvelo efanayo nokuyiletha kulelo nalelo lalawomaVangeli amane, impela, yayingefanayo impela. Esinye sakhuluma engonyameni, esinye enkabini, nesinye... AmaVangeli amane! Nakho. AmaVangeli amane ngukuvikela kukaMoya oNgcwele. Amen.

<sup>76</sup> Ngilokhu ngimangala njalo... Lwangima. Manje, lokhu sekuyiminyaka ethi ayibe yisithupha, ngiqagele, selokhu ngezwa indoda enkulu ithi lowo kwaku... “IZenzo zabaPhostoli kwakuwumsebenzi owuhlaka nje.” Ngikuzwile kushiwo izikhathi eziningi. Kodwa ukuzwa indoda nesikhundla sayo, njengomshumayeli nanjengothisha, obhale ezinye zezincwadi ezidumile abantu abazifunda ndawo zonke, nokuthi ithi iZenzo zabaPhostoli kwakungafanele empeleni ukufundisa iBandla!

<sup>77</sup> Kanti, iZenzo zabaPhostoli yiso impela isisekelo saLo; hhayi umsebenzi owuhlaka. Isisekelo! Isizathu, iBhayibheli lithi i—i—i—isisekelo sikaNkulunkulu “sakhelwe phezu kweMfundiso yabaphostoli,” kunjalo, “uKristu, iNhloko, iTshe legumbi.”

<sup>78</sup> Futhi ngenkathi lomfo ema lapho futhi enza lokho kuphawula, nga—nga—nga—ngavele nje...Inhliziyo yami yavele yehluleka nje. Ngase ngicabanga, “Akumangalisi.” Awu, sengiyabona manje, eziMpawini. Kwakungakembulwa nje. Yilokho kuphela. Niyabo?

<sup>79</sup> Ngakho, ukuthi, zazilapho, zimi lapho, kodwa kwakukhona into ethize nje isho lokho. Manje, qaphelani, ziyagada.

<sup>80</sup> Manje, ngenkathi sithola uMathewu 28:19, futhi sayehlisa leyonto ngoMathewu, okumele ingonyama. Futhi okuzayo, phakathi lapho, sithole impela ukuthi kungani bebhaphathiza eGameni likaJesu Kristu. Futhi Wayelapho, emi lapho nalowomBhalo impela, ukugada ithemba elingcwele lombhaphathizo, weGama likaJesu Kristu. Kulungile. Awu, sengiyachezuka eminyakeni yebandla manje.

<sup>81</sup> Qaphelani. Kodwa, lapha, nxa sifika kuloluPhawu lwesiHlanu manje, akukho—akukho—akukho—mgibeli ophumayo, futhi akukho—siDalwa ukuLumemezela. UJohane nje...IWundlu laLuvula, noJohane waLubona. Kwakungekho-muntu lapho ukuba athi, “Manje woza, ubuke. Woza, ubone.” Qaphelani, akukho—mandla eSidalwa esiphilayo. Noma kukhona... .

<sup>82</sup> Futhi oPhawini lwesiThupha, akukho—siDalwa ukuLumemezela. Futhi oPhawini lwesiKhombisa, akukho—siDalwa ukuLumemezela. Akukho—mandla ukuLumemezela. Niyabo, akekho okwenzayo. E...Bukani. E...Emva koPhawu lweSine, akukho kumenyezela nganoma yimaphi amandla esiDalwa, kusukela kolwesiHlanu, olwesiThupha, noma uPhawu lwesiKhombisa, asikho nhlobo.

<sup>83</sup> Manje qaphelani. Ngiyakuthanda lokhu. Njengasezikhathini zomgibeli wamahhashi amane, umgibeli (ubunye) wamahhashi amane ehlukeni, kwakukhona isiDalwa esamemezela amandla. Ngaso sonke isikhathi uma umgibeli egxamalaza kwelinye ihhashi futhi aphumele ukugibela, olunye uhlobo lwesiDalwa luphume futhi lakumemezela, “Leyo yimfihlakalo enkulu.” Niyabo? “Leyo yimfihlakalo.” Ngani na? Simemezela imfihlakalo.

<sup>84</sup> Kungani singabibikho lapha oPhawini lwesiHlanu, ukuLumemezela na? Nakhu, ngokwesambulo iNkosi uJesu enginike sona namhlanje, niyabo, noma kulokhu ukusa, kusesekuseni. Okungukuthi, ukuthi, imfihlakalo yeminyaka eyisikhombisa sezivele ziqediwe, ngalesisikhathi. Imfihlakalo yomphikukristu isimbuliwe, ngalesisikhathi. Umphikukristu wathatha ukugibela kwakhe kokugcina, futhi simthole ehhashini lakhe elimpofu, lixutshwe nemibala yakhe eminingi, futhi ugibela aze ayongenana le ekulahlweni.

85 Sikuthola emaCilongweni, kanjalonjalo, nxa sifundisa lokho. Bengizoya kukho manje, kodwa siyothi ngqu sichezuke endabeni futhi. Futhi si—siyahamba . . . ugibela . . .

86 Yingalesosizathu kungekho-muntu lapho. Manje, asinambangela ebhaliwe, isizathu esithize sento ethize. Manje, niyakhumbula, kuqala, ekuqaleni, ngathi kungebebikho lutho olungenasizathu. Niyalikhumbula ithonsi elincane lika inki na? Niyabo? Manje nifanele nisithole isizathu. Kunesizathu esithize bengadingekanga babe nesiDalwa, noma amandla, ukumemezela loluPhawu lwephulwa. Futhi nguNkulunkulu kuphela ongembula ukuthi kungani, yilokho kuphela, ngoba Lonke lu—konke kulele kuYe.

87 Kodwa isizathu sokuthi ALwembule, njengoba ngiqonda, ukuthi kungoba imfihlakalo yeNcwadi yokuHlengwa, mayelana nokwembulwa komphikukristu; futhi ngesikhathi esifanayo, iBandla selihambile, nalezizinto azenzeki ngisho nasonyakeni webandla, nhlobo. Kunjalo. Zi—zikude nonyaka webandla. IBandla ngokoqobo seliHlwithiwe, ngalesisikhathi. IBandla liyenyuka, esahlukweni 4 seSambulo, futhi alibuyi lize Libuye neNkosi yaLo, esahlukweni 19. Kodwa leziziMpawu lapha zembula lokho obekukhona, ukuthi kuyini, nokuthi kuyoba yini. Niyabo? Futhi, manje, okwakuzoba ngonyaka webandla, kwembulwa yileziziMpawu. Futhi manje bhekisisani ukuthi Luthathwa yini.

88 I—izigaba ezine zomgibeli wakhe sembuliwe. Izigaba ezine zomphikukristu, egibele, sembuliwe ngalesisikhathi, ngakho-ke abasadingi ukuba babe besaba nakho okunye.

89 Futhi kwakukhona iZidalwa ezine eziphilayo zikaNkulunkulu, ukumemezela umgibeli lapho begibela. IziDalwa ezine zingamandla amane. Manje, siyazi ukuthi isiDalwa, ngokuhunyushwa kwamagama ezifanekiselo zeBhayibheli, kusho “amandla.” Manje, asikuthole lokho ngokusondela. Ezine iziDalwa, eBhayibhelini, kumele amandla phakathi kwabantu.

90 Manje, uma sithola, njengakuDanyeli, ngenkathi ebona isizwe esithize sivuka, bekungaba mhlawumbe yibhere libamba ubambo ohlangothini lwakhe, ngesifanekiselo. Wayesebona amanye amandla evuka, imbuzi. Yayimele into ethize. Wayesebona amanye amandla evuka, futhi—futhi kwakuyingwe inamakhandla amaningi kakhulu. Kwakumele umbuso othize. Wayesebona esinye sivuka, ingonyama enkulu inamazinyo, futhi—futhi yagxoba okuseleyo. Lokho kwakumele amandla ahlukile, ngakho konke. Omunye kwakungu—ngumbuso kaNebukadinezari; nomunye, uhlobo lwe—lwephupho. UDanyeli wabona umbono; uNebukadinezari waphupha iphupho. Kodwa uDanyeli wahumusha iphupho lakhe, futhi kwakuhambisana ngokuyikho nombono.

<sup>91</sup> Amen! Whewu! O! [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kanye—Umhl.] Uma nje wazi ukuthi kwenzekeni! Kwenzekeni ngaphambi kokuba sisuke lapha na? Niyaqonda na? Ngani, amaphupho aqondile ayisithupha afika ngqo nombono. Amen. Niyabo? Iphupho, elihunyushiwe, lingumbono. Ngoba umuntu mhlawumbe hhayi ngokuzalwa ngokuzwa kancane kokuhlala, uyaphaphama nxa ekubona, khona-ke uNkulunkulu uwelela kulokhu ukuzwa kancane bese ekhuluma naye. Okungukuthi, Wakwethembisa lokho, emaphusheni, ngezinsuku zokugcina, Uyovakashela abantu, nasemibonweni futhi. Niyabo?

<sup>92</sup> Manje, umbono ungalesisikhathi uphapheme impela, umi ngqo kanje, nezinto ezithize ziyembulwa. Futhi ume, ubatshele nje ngqo ngakho; ubone ukuthi kwenzekeni, nokuthi kuzoba yini, kanjalo njalo.

<sup>93</sup> Kodwa, manje, iphupho lingenkathi ulele, nemizwa yakho emihlanu ingasebenzi, futhi u—usekuzweni kwakho okuncane. Undawo ndawo, ngoba, uma usubuya, uyakhumbula lapho kade ukhona, ukukhumbula impilo yakho yonke. Niyabo? Ngakho, kungukuzwa kwakho okuncane. Manje-ke ngokohlelo, niyabo . . .

<sup>94</sup> NjengoCongressman Upshaw wayevame ukuthi, “Ungeke waba yinto ongesiyo.” Futhi lokho nje kuthi akube njalo, niyabo.

<sup>95</sup> Futhi, manje-ke, uma uzalwe ungumboni. Manje, uyabo, ukwenza lokho, labo onembeza bobabili kuzofanele babendawonye ngqo; hhayi owodwa *lapha* nemizwa emihlanu, isebenza, omunye phandle *lapha* uma ulele, nemizwa emihlanu ingasebenzi. Kodwa, niyabo, uma yomibili, uyazalwa, ndawonye ngqo, awuyi ukuyolala. Usuka nje komunye uye komunye, ka—kanjalo. Awuyi ukuyolala. Ayikho indawo eyenele ukuba uyolala. Futhi ungeke wazenza ube ngaleyondlela.

<sup>96</sup> Ngakho, “Iziphiwo nokubiza kumiselwa ngaphambili nguNkulunkulu.” Ziyi—ziyiziphiwo zikaNkulunkulu nokubiza, ngisho “ngaphandle kokuphenduka,” iBhayibheli lasho. Niyabo? Zagcotshwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Niyabo?

<sup>97</sup> Manje, manje, sithola ukuthi i..Isilo, sikaDanyeli, sasichaza ukuthi kwakungamandla evuka phakathi kwabantu. Kulungile. Futhi—futhi imibono kaJohane lapha, futhi, yakhombisa ukuthi kwakungamandla, izizwe zivuka. Njenge, United States ibonakala eSambulweni 13, njengewundlu. Bese kuthi-ke uma ufuna ukwazi, okwehlukile . . .

Wena uthi, “Awu, lokho, lokho ngukukhuluma ngamandla kazwelonke.”

<sup>98</sup> Kumele futhi amandla angcwele, futhi, isilo. Benikwazi lokho na?

<sup>99</sup> Qaphelani uRebeka; ngenkathi—ngenkathi i—inceku ka-Abrahama, uEliyeza . . . Ngenkathi efika ukuyothola u-bekah—

Rebeka, u...Wamgibelisa ikameli, lona impela ikameli aliphuzisa amanzi. Futhi wagibela lelikameli, ukuhlangabezana nomyeni wakhe ongabonwayo. Yona impela into ayiphuzisa amanzi, yaba yinto eyamyisa ekhaya lakhe lesikhathi esizayo nomyeni.

100 Futhi yinto efanayo namhlanje, niyabo. Yona impela into iBandla eliyiphuzisa amanzi, leyo yiMbewu, iMbewu yeZwi. Yilona impela iZwi eliba ngeliphilayo futhi liyasithwala siye kuMyeni wethu ongabonwayo. Niyabo? Niyabo?

101 Futhi bukani ukuthi kungokuphelele kanjani. UISaka wayeshiye ikhaya, futhi wayephumile esendle, ekude nekhaya lakubo, ngenkathi uRebeka embona.

102 NeBandla lihlangabeza uKristu emoyeni, bese-ke Elithatha eLibuyisela eKhaya, eKhaya likaBaba, lapho izindlu zilungiswe khona. UISaka wathatha uRebeka ngendlela efanayo.

103 Futhi, qaphelani, kwaba luthando ekubonaneni kokuqala. O, he! Wavele wagijima nje ukuba ahlangebezane naye.

104 Naleyo yindlela iBandla elizohlangabezana khona noKristu, emoyeni, futhi libe naYe kuze kube-phakade.

105 Manje, amagama eBhayibheli, leziziDalwa zingamandla. Qaphelani. Ngifuna, manje, ngifuna niqaphele.

106 Udeveli wayenezakhe ezine, ezishintsha, izilo ezinemibala, ukuba ziye phambili. Wayenezilo zakhe ezine. Lokho kwakuyizo zonke zontathu zazo, zifakwe embaleni owodwa, futhi yenza lelo elilodwa i—ihhashi elimpofu; ihhashi elimhlophe, ihhashi elibomvu, ihhashi elimnyama. Futhi sibonile, ngalinye lalawo kwakuyisigaba senkonzo yakhe, isigaba sebandla langasekuqaleni elalibumbeke ehlelweni, eNayisiya. Ibandla lePhentekoste lasekuqaleni, uMoya oNgcwele athululelwa phezu kwalo, leza lehla, lathatha umoya womphikukristu, labumba inhlango, lazala amanye amadodakazi enhlangano. Eshintsha amandla akhe, kathathu, futhi wawafaka kwelilodwa, wayesenza ihhashi elimpofu. Wayesenikwa igama elithiwa uKufa, futhi waligibela wayongena ePhakadeni. Nje kucace ngakho konke bha! Manje, manje qaphelani, unikwa leli—lelihhashi, futhi uligibele.

Nkulunkulu, uNkulunkulu unalo, naye, njengazo zonke izikhathi. . .

107 Manje bhekisisani. Ngenkathi umphikukristu ebonakala, kuqala, wabonakala ekukuphi na? Ihhashi elimhlophe. Niyabo, ngani, emsulwa sulwa, nje imfundiso ebandleni. Babefuna inhlanganyelo. Inhlanganyelo yakho inoKristu. Kodwa babefuna inhlanganyelo. Abakwazanga nje ukuyimela, babefuna ukuthola. . .

108 Awu, niyazi, njengombimbi oluncane luyovuka ebandleni. Nina, niyakwazi, nina belusi. Niyabo? Bona, njengokuthi bathi,



“Izinyoni zohlobo.” Kodwa uma sizelwe ngokusha, bazalwane, ukuthi—leso akusiso isimo sokuthathwa, niyabo. Qhabo. Manje, si—si—si . . .

<sup>109</sup> Uma sibona into ethize engalungile kubazalwane bethu, asikhuleke nje futhi sikugcine phambi kukaNkulunkulu, futhi simthande lowomlisa size simlethe ngqo eBukhloneni bukaNkulunkulu. Niyabo? Yileyondlela, ngempela indlela yokukwenza.

<sup>110</sup> Niyazi, uJesu washo. “Kuyobakhona ukhula phakathi lapho,” ngoba uJesu wathi luyobakhona, “kodwa ningalusiphuli; niyothatha ukolo kanye nalo.” Niyabo, “Luyekeni kanjalo nje.” Uyokwenza . . . Makube nguYe owenza ukwehlukana uma kufika isikhathi. Niyabo? Kuyekeni konke kukhule kanyekanye.

<sup>111</sup> Qaphelani, lapho isilo siphuma, umphikukristu waphuma egibele isilo, amandla akhe.

<sup>112</sup> O, ngiyakuthanda lokhu! Ngiqala nje ukuzizwa ngigcwala ukhoho khona manje, niyabo, mhlawumbe ukuvuselelwa amandla. Qaphelani, ngenkathi umphikukristu . . . O, lezo—lezozambulo, eBukhloneni balelobhola loMlilo lilenga lapho ekamelweni! Kuze . . . O, mfowethu! Nakuba ngiWubonile, kusukela ngisengumntwana, ngaso sonke isikhathi Ufika eduze kwami, Uyangethusa. Ucishe impela angifake esimweni sokuquleka. AwuWejwayeli neze; ungeke. Ungeweke kakhulu.

<sup>113</sup> Qaphelani, njengoba umphikukristu aphuma (ezine) ezilweni zakhe zenkonzo, lapho, uNkulunkulu wathumela isiDalwa ukulwa naso. Niyabo? Manje bhekisisani. Manje-ke, ngaso sonke isikhathi (isilo sagibela) ehhashini lakhe, umphikukristu wagibela ehhashini lakhe, esilweni sakhe, ukumemezela inkonzo yakhe; uNkulunkulu wathumela isiDalwa saKhe, naye, futhi WayekuLeso, ukumemezela ukulwa kwaKhe naso.

<sup>114</sup> Manje, umBhalo uthi, “Uma isitha siza njengomfula okhahlamezayo, uMoya kaNkulunkulu uyovusa ibhanela ukumelana nawo.”

<sup>115</sup> Futhi ngakho ngenkathi isitha siphuma njengomphikukristu; uNkulunkulu wathumela uhlobo oluthize lwamandla ukudibana naye. Futhi ngenkathi be . . .

<sup>116</sup> Waphuma futhi, njengomgibeli wehhashi elibomvu, omunye umbala, amanye amandla, enye inkonzo; uNkulunkulu wathuma omunye emva kwakhe, ukulwa nawo, ukubamba iBandla laKhe.

<sup>117</sup> Wathumela elesithathu; futhi, uNkulunkulu wathumela elaKhe, isiDalwa sesithathu siyafika futhi siyakumemezela.

<sup>118</sup> Wathumela elesine; uNkulunkulu wathumela elaKhe lesine. Wayesephela-ke umphikukristu, neminyaka yebandla yaphela, nayo, ngalesosikhathi. Bhekisisani. Manje, o, lokhu kuhle ngempela!

119 Manje, siyabona ukuthi udeveli uyashintsha, izilo ezine—ezine, kwakuchaza ukuthi mandla mani ezazembulwa kuwo . . . noma mandla mani awembula ezweni, nokuthi aphelela kanjani kuleli elimpofu, ihhashi “eliwukufa”.

120 Manje asibuke amandla kaNkulunkulu, aleziziDalwa, ukulwa nawo.

121 IsiDalwa sokuqala sikaNkulunkulu, Aphuma ukuhlangabezana nomphikukristu ngaso, umoya womphikukristu uma nje usekufundiseni kwakhe. Manje khumbulani, ngenkathi umphikukristu kuqala egibela, wayesenkonzweni yokufundisa. Umphikukristu wagibela, kuqala, enkonzweni yokufundisa. Manje bhekisisani lowo owaya ukuhlangabezana naye: ingonyama, iNgonyama yesizwe sakwaJuda, okuyiZwi. Ngenkathi kuphuma ukufundisa kwakhe kwamanga, iZwi leqiniso laya ukuhlangabezana naye.

122 Yingalesosizathu saba noIrenaeus, noPolycarp, na—na—na—nalabobafo, uMartin oNgcwele.

123 Ngenkathi lowomphikukristu egibele nokufundisa kwakhe kwamanga; uNkulunkulu wathumela ukuFundisa kwaKhe, iZwi, iNgonyama yesizwe sakwaJuda, okuyiZwi libonakaliswa kuMoya oNgcwele. NoMoya oNgcwele, lapho, ukuba Azibonakalise yena uqobo, okuyiZwi!

124 Yingalesosizathu iBandla lasekuqaleni lalinokuphilisa, nezimangaliso, nemibono, namandla, yingoba kwakuyiZwi eliphilayo, esimweni seNgonyama yesizwe sakwaJuda, ligibele liphumela ukuyolwa nalokho. Amen! Manje nikutholile na? Uthumela amandla akhe, umphikukristu; uNkulunkulu uthumela awaKhe, iZwi. Umphikukristu, ukufundisa kwamanga; ukuFundisa okuqiniseleyo kwaphuma nawo, ukulwa nawo! Manje, lelo kwakungelokuqala. Manje, leli kwakuyiBandla lokuqala, labaphostoli, elaya kohlangabezana naye.

125 Manje, isilo sesibili umphikukristu asithumelayo, sasiyisilo esibomvu, esasizo . . . asigibelayo, sasingukususa ukuthula (futhi) emhlabeni, ne—nempi.

126 Manje, esesibili esayokulwa naye, kwakuyisiDalwa senkabi. Inkabi ichaza ukusebenza ngokukhandleka, isiDalwa somthwalo.

127 Futhi manje ukuba besingama nje umzuzu nje. Ake ngithi, ya, ake ngithi, ukuze nje niqiniseke ukubona lokhu manje. Manje, lolo wuhlobo olungahle luthi ukuba yindida encane kini. Kodwa ake silethe iThiyathira ngapha. Bhekisisani futhi nibone ukuthi akusilo yini i—i—iBandla elisebenza ngokukhandleka, niyabo.

*Nakuyo ingelosi yebandla laseThiyathira loba ukuthi;  
Nakhu ekushoyo iNdodana kaNkulunkulu, emehlo ayo*

anjengamalangabi *lomlilo*, *nezinyawo zakhe zifana nethusi elikhazimulayo ithi*;

*Ngiyayazi imisebenzi yakho, . . .*

128 Niyabo, kuba yimisebenzi konke manje, niyabo, ngoba nguye owayegibele naye.

*. . .nothando lwakho, nokukhonza, (niyabo, konke nje ku . . .) nokukholwa, no . . .kubekwezela, nokuthi imisebenzi yakho (futhi, kabili, "imisebenzi yakho"), neyokugcina miningi kuneyokuqala.*

129 Niyabo, lokho kukhombisa lokho, uNyaka waseThiyathira, emva kokuba umphikukristu esezinzile futhi ungena oNyakeni waseThiyathira, iBandla elincane lalingasakwazi kwenza lutho kodwa nje—nje kalula ukusebenza ngokukhandleka.

130 Nenye into, inkabi eyiyo, futhi, iyisiDalwa somnikelo. Niyabo? Banikela ngezimpilo zabo ngokukhululeka nje njengoba babengazinikela, ngeminyaka yezikhathi zobumnyama, iminyaka eyinkulungwane lapho ubuKatolika obabulawula khona umhlaba. Futhi babevele bangene nje ngqo, yebo noma qhabo. Babengenandaba nokufa. Uma kwakungukufa, lokho kulungile. Bahamba futhi bafa, noma kanjani. Ngani na? Wona impela uMoya wonyaka!

131 Yingalesosizathu bona, yingalesosizathu uIrenaeus, yingalesosizathu uPolycarp, uJohane, uPawulu, lawomadoda amakhulu nanamandla phandle lapho, elwa naleyonto!

132 UPawulu wakubona. Wathi, "Ngiyazi, ukuthi emva kokumuka kwami, ukuthi izimpisi zizongena phakathi kwenu, bazalwane, zifundisa izinto eziphendukezelwe, futhi kuzonidedisa." Bukani kulokho kugqolozela, omncane, umphostoli omdala emi lapho, umhlane wakhe ushaye ugcwele imivimbo, amehlo akhe ayekhala amanzi. Kodwa wayekwazi ukubona kude kunokwabo . . . lesosibuko esandisayo sikudlala phandle ngaleya, ukuthi bangakwazi ukubona iminyaka yokukhanya eyizigidi eziyikhulu namashumi amabili yendawo yokukhanya. Wayekwazi ukubona aze ayothi ngqi ePhakadeni. Wayelapho-ke. Futhi wakubikezela futhi washo ukuthi yilokho okuyokwenzeka. Futhi washo, futhi, waqhubeka wehlela komunye unyaka ozayo. Manje qaphelani, wayelapho.

133 Ngokuhambisana, emva kwakhe, uJohane oNgcwele waphila ukwedlula bonke. Futhi ngenkathi uJohane oNgcwele wayezama ukuthatha zonke izincwadi ezingcwele, egcotshwe ngoMoya oNgcwele, futhi wazihlanganisa ndawonye futhi wenza iBhayibheli, umbuso wamaRoma wambamba wase umbeka esiQhingini sasePatmose. Wayephandle lapho esiQhingini sasePatmose ngenxa yeZwi likaNkulunkulu. UPolycarp wayemsiza ukulihumusha.

134 Ngafunda, ngoluny'usuku, incwadi iletha uMariya qobo lwakhe ayibhalela uPolycarp. Futhi ethethisa . . . engamthethisi. Kodwa emncoma ngokuba yindoda eyiqhawe eyayikwazi ukufundisa nokwemukela ukufundisa kukaJesu Kristu, Owayezalwa nguye, evela kuNkulunkulu. Inothi likaMariya uqobo ayelibhalele uPolycarp.

135 UPolycarp wanikelwa ezingonyameni, niyazi. Qhabo, washiswa. Sa—sasasedlule kakhulu isikhathi sokuba badebele ibhubesi enkundleni enkulu iarena, futhi ngakho badiliza ikamelo lokugezela, indlu endala yokugezela lapho, base bemfaka kwi—kwi—kwi arena base—base bemshisa.

136 Futhi esendleleni yakhe, eza ehla, wayehamba ikhanda lakhe libheke phansi. Induna yekhulu engumRoma yathi, “Usuyikhehla, futhi uhlonishwa kahle. Awuyijivazi ngani leyonto na?”

137 Wayelokhu ebuka ngaseZulwini. NePhimbo lakhuluma livela ndawo ndawo. Abaqondanga ukuthi kuphi. Lathi, “Polycarp, ungesabi. Nginawe.” Ehhe. Ngani? Wayemi naleloZwi.

138 Futhi ngenkathi beqala ukunqwabela izinkuni phezu kwakhe, ukuba bamshise, kwakukhona umnyuziki waseZulwini wehla. Na—namahubo avela kwamanye eziNgelosi ndawo ndawo acula iculo. Akazange aze acwayize ngisho nangeso kumhleki ohleka usulu.

139 Leyo amadoda ayiqhawe. Leyo amadoda angama. Abafel'kholo kusukela phansi eminyakeni, lapho, babehlupheka ngokwesabekayo. Kodwa babeyini na? Babephansi kokuphefumulelwa, uMoya kaNkulunkulu, amandla. Ngi . . .

140 Ningakukhohlwa lokhu, bandla. Nani bazalwane, eteyipini, ngifuna nihlole lokhu. Amadoda ayengayenza kanjani noma yini enyinto ngaphandle kwamandla kaNkulunkulu ayekade ededelwe kuwo na? Ngizobeka lelibhokisi phezulu lapha, ukumela lokho. Uma uNkulunkulu ethumela uMoya othize phakathi kwawo, yileyonto kuphela ayengasebenza ngayo, nguMoya osebenza phakathi kwawo. Manje sizofakazisa kini, ngomlando weBandla, nangoku—kuvulwa kweziMpawu, namandla adedelwayo; futhi bhekisisani, impela, iBandla lasabela o—ogcobweni, futhi akukho okunye ayengakwenza.

141 Manje, okokuqala kwakuyileyongonyama eyabhongayo, lelo elimsulwa, iZwi elingaxutshwe nalutho.

142 Awesibili, eThiyathira, kwakuyinkabi. Futhi Kwakungu—ngukuthwaliswa umthalo . . . isiDalwa somthwalo. Ngiyaxolisa. Kanti futhi SasiyisiDalwa somhlatshelo. Futhi lelo kwakungesilo yini impela elimpofu, iBandla elincane na? IRoma lalizinze lapho, kuya eminyakeni eyinkulungwane yeminyaka yezikhathi zobumnyama, nanoma yini eyayingazisho ukuthi

eyebandla laseRoma yayibulawa masinya. Futhi babefanele basebenze ngokukhandleka, besuka endaweni beya endaweni.

143 Nina maMasons, ngizoninakisa. Niyayikhumbula isayini yesiphambano na? Manje ni—niyazi ukuthi ngikhuluma ngani.

144 Manje qaphelani. Manje, uma ni—uma niqaphela, lokho kwakuphethe futhi kulondoloza leloBhayibheli. Niyabo? Futhi babefanele bazikhandle phakathi komunye nomunye. Nakho lapho okhona, inkabi. Futhi ngenkathi kufika isikhathi... Sikufundile izolo ebusuku. Niyabo, ngenkathi into iphuma, nomhlatshelelo ufika, futhi babefanele bahambe.

Wathi, “Ningoni iwayini namaFutha.”

145 Benzani na? Bahamba ngokuvuma benyukela lapho futhi bafa. Babengenandaba, ngoba uMoya weBandla ngalolosuku wawuzinikela, usebenza ngokukhandleka. Futhi babenyuka ngokukhulu nje ukukhululeka ababengaba nakho, begcotshwe ngoMoya kaNkulunkulu weqiniso walowonyaka, futhi bafa njengamaqhawe, umhlatshelelo; izinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane, izigidi ezingamashumi ayisithuphanesishiyagalombili zabo kokuqoshwe phansi.

146 Inkabi, umhlatshelelo! O, he! Niyakuqonda na? [Ibandla lithi, “Amen”—Umhl.] Okeyi. Kulungile. Manje, umhlatshelelo, wawungasebenza ngokukhandleka kuphela kulowonyaka, ukulwa nempikiswano enkulu kuleyominyaka eyinkulungwane.

147 Manje, isilo sesithathu esaphuma sivela kudeveli, kwakuyilelihashi elimnyama. Niyabo?

148 Manje, isiDalwa sesithathu esaphumayo, amandla avela kuNkulunkulu, ukulwa naye, ukulwa namandla ehhashi elimnyama; kwakungumuntu, ubuhlakani, ukuba smati, ngokuhlakanipha kukaNkulunkulu. Niyazi, umuntu ungomati kakhulu, kunanoma yiziphi zezilo. Niyabo? Usmati kakhulu, ngoba angamqinela, ikakhulu impela. Unobuhlakani, uhlakaniphe sabuqili. Niyabo? Futhi u... .

149 U—unyaka, kusukela onyakeni wesikhathi sobumnyama, manje bevela onyakeni wesikhathi sobumnyama; manje, ngakulolu olunye uhlangothi, ngenkathi lelihashi elimnyama laligibele, ngenkathi bekhokhisa ngemihlatshelelo yabo—yabo—yabo—yabo nayo yonke into abayenzile. Nemali nje yayi... . O, niyazi ukuthi kwakukanjani.

150 Manje, into elandelayo eyaphumayo, ukulwa nalokho, kwakuyisiDalwa esinobuso bomuntu; osmati, ofundile, ohlakaniphe sabuqili, okahle, ogcotshwe ngalowoMoya walolosuku. Niyakuqaphela na? Manje, waya kolwa naye, nobuhlakani bokuhlakanipha kukaNkulunkulu bunaye. Lowo kwakungunyaka wenguquko, uMartin Luther, uJohn Wesley, kanjalonjalo. Niyabo, kwakuyinguquko. UZwingli, futhi, o, abathi bonke, uKnox, uCalvin, nabo bonke abathi,

niyabo, baphuma. Kwakungubuhlakani. Manje, bhekisisani, impela kusukela onyakeni wesikhathi sobumnyama, kusukela enguqukweni, lendlela, bhekisisani, kwakungukuhlakanipha sabuqili komuntu.

<sup>151</sup> Uma benizothi ukuvula amafastela enu kancanyana nje! Ngikholwa ukuthi abantu bathi ukuthola ukufudumala okuncane, ya, mhlawumbe, phakathi lapho. Uma nje benizokwehlisa amafastela kancanyana nje! Isizathu, ngiyazi, uma mina ngimi lapha ngishumayela, ngizwa ukushisa, ngiyazi nibophezelekile ukuba nithole ukushisa, khona lapho.

<sup>152</sup> Awu, qaphelani, kwakungukuhlakanipha sabuqili komuntu. Manje, niyaqonda na?

<sup>153</sup> Lesosilo sesithathu uSathane asithumelayo, uba ngohlakaniphe sabuqili, naye. Bhekisisani, “Imbenge kakolweni ngodenariyu. Izimbenge ezintathu zebhali ngodenariyu.” Niyabo? O, he! Niyabo? Icebo lokwenza imali, ukuhlakanipha sabuqili, ukuthola igolide lomhlaba, nomcebo, wangeniswa kukho. Lokho impela kungokokugcwalisa. Yilokho okuqala ukukhokhiselwa imikhuleko. Noku...Wenza indawo ethiwa yisihlanzo, futhi bakhulekela ukuba kukhishwe okhokho babo. Futhi, o, wawufanele unikele ngezinto ongumnikazi wazo nayo yonke into, impahla yakho. Ibandla, futhi kwakunguhulumeni, kwakufana, nebandla lidle impahla yakho.

<sup>154</sup> Futhi aniboni yini, abanye balaba bavangeli, lolusuku, usenalo lologcobo olufanayo phezu kwabo na? Benza abantu abadala bayekele izimpesheni zabo, futhi benikela ngamakhaya abo abangabanikazi bawo ezintweni ezithile. Ngani, mfowethu, a—angifuni ukungena kulokho, niyabo. Kodwa manje ngizohlala ngqo nalokhu; ngibuka emuva ukubona ukuthi ngiyaphi. Manje qaphelani, lawomadoda, lokho kukuwo. Lokho kukuwo. Lokho—lokho—lokho akuhlangene ngalutho nami. Ngibophezeleke kuLokhu lapha.

<sup>155</sup> Manje qaphelani, i—isiDalwa siza ukuzolwa naso, manje, kwakungumuntu. Futhi sonke siyazi ukuthi lesisiDalwa, somuntu, lamandla omuntu, ezihlakaniphini zakhe, waqonda ukuthi isinkwa esiwucwecwana ikosha uMartin Luther ayenaso esandleni sakhe, ngenkathi ekhwela lezozitebhisi. . .

<sup>156</sup> Bathi, “*Leli yiGazi likaJesu Kristu. Lona ngumzimba kaJesu Kristu.*”

<sup>157</sup> NoLuther wasilahla phansi, wayesethi, “Yisinkwa newayini. Akusiwo umzimba kaKristu; ngoba, wawukade uphakanyisiwe, futhi uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu, wenza ukukhulumela.” Niyabo, ukuhlakanipha; niyabo, umuntu.

<sup>158</sup> Futhi ngenkathi uJohn Wesley uyafika, emva kokuba uZwingli wayengenile, noCalvin.

<sup>159</sup> Futhi bafikisa ibandla endaweni, ekuphepheni, baze abangabe besafuna ezinye eziningi izimvuselelo. “Noma ngabe yini ezobakhona izobakhona.” Kwakuyilokho kuphela. Futhi bavele baphila nje noma yiluphi uhlobo lwezimpilo. Ibandla lamaLuthela lisonteke kakhulu, nebandla laseSheshi! O, he! Lonke izwe liba ngelonakele, njengoba linjalo nje manje. Amabandla ayesontekile. Ngenkathi iNkosi uHenry we—we si VIII, futhi uza eNgilandi, futhi emva kukaMariya onegazi, nazo zonke lezizinto zenzeka. Futhi, manje-ke, ibandla laligcwele kakhulu udlame nokonakala. Abaningi bezisho ubuKristu, futhi behlala nabafazi abane noma abahlanu, noma benza noma yini ababefuna ukuyenza, futhi beqhubeka, namanyala.

<sup>160</sup> UJohn Wesley, efundisisa umBhalo, eWubhekisisa, kwembulwa kuye ukuthi iGazi likaJesu Kristu lingcwelisa ikholwa. Futhi ni...anifanele...Manje-ke wayesenzani na? Uphuma kwenye inguquko. Wasindisa izwe ngosuku lwakhe, njengoba kwenza uLuther. Niyabo? Kwakuyini na? Lowomuntu, amandla esiDalwa, ephuma.

<sup>161</sup> Nika umuntu ukuhlakanipha, kokuqonda, leyonto iyiphutha. “Lelo akusilo iGazi likaJesu Kristu. Lowo akusiwo u—umzimba kaJesu Kristu. Lokho kumele umzimba.” Niyabo?

<sup>162</sup> Lokho kusalokhu kungukuqophisana okukhulu phakathi kweKatolika neProtestane manje. Yileyonto kuphela ongeke wayihlanganisa ndawonye khona manje. Yonke enye into, bangahlanguela ndawonye kuyo, kodwa lokho; lezi kuleyomikhandlu abanayo. Qaphelani manje. Kodwa, lokhu, kodwa a—abakwazanga ukuhlangana ndawonye kulokho. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kathathu—Umhl.] Niyabo?

<sup>163</sup> Oyedwa, “YiGazi, futhi,” uthi, “yiGazi langempela; ukuthi umpristi unamandla okushintsha lesisinkwa sibe ngumzimba kaKristu wangempela.” Liyilokho-ke itabernakele elincane, e—ebandleni, niyazi. Yingalesosizathu benza izibonakaliso nanoma yiluphi uhlobo olunikelwa ngumhedeni lapho bedlula, niyazi, futhi bakhothama bona uqobo, futhi bathi chwa izigqoko zabo, kanjalonjalo. Lokho akukho esakhiweni; kukulesosinkwa esiwucwecwe ikosha esise—setabernakele. Futhi qaphelani ukuthi uSathane wakudonsa kanjani lokho ngokuhlakanipha sabuqili!

<sup>164</sup> Kodwa, niyabo, ngalesosikhathi, phezu kobuntu bomuntu, niyabo, uNkulunkulu ubeka uMoya wokuhlakanipha phezu komuntu, ukuqonda ukuthi lokho kuyiphutha. Manje, lokho kwakungukulwa nesilo sesithathu, lesa esasinebandla selonakele kakhulu, esasiligibele, ukuthi kwakukubi kakhulu. Abaguquli, base benzani-ke, bona onyakeni wenguquko na? Baletha iBandla, lisuka emigubhweni yalo yobuhedeni yezithixo, babuyele kuNkulunkulu futhi. Niyabo? Saphumela

lokho-ke isiDalwa, lokho kuhlakanipha komuntu, umgibeli, ukwenza lokhu.

165 Manje, kodwa, fundani manje ivesi 3 ne. . . noma, iSambulo 3:2, umzuzu nje. Manje, nginakho kumakwe phansi lapha ngesizathu esithize. Manje lokhu yi, kuyangena manje, unyaka wamaLuthela, onyakeni wabaguquli, beSambulo 3:2.

166 Abakwenzayo, bahlela. Wathi nje uLuther angathola ibandla lakhe seliqalile, balihlela. Kulungile, into efanayo neyenziwa nguWesley. Into efanayo neyenziwa yiPentekoste, impela, bayalihlela. Futhi benzani na? Bathatha inqubo efanayo abaphuma kuyo. Niyabo?

167 Manje bhekisisani lokhu, iSambulo, sikhuluma ngalelibandla laseSardesi. “Kuyo ingelosi yebandla,” yivesi 1, kusobala. Niyabo? Kulungile.

*Vuka ulinde, futhi uqinise okuseleyo,*

168 Lokho ngukuthi, “IZwi enilifundisiwe,” niyabo, “okuseleyo.”

*. . . obekuzakufa: . . .*

169 Uselulungele-ke ngqo ukuqala emuva enhlanganweni njengebandla eliKatolika nje aphuma kulo. Niyabo?

*. . . ngokuba angifumananga imisebenzi yakho iphelele phambi kukaNkulunkulu.*

170 Uya lapho-ke. Nanso i. . . Nango ehamba, ebuyela emuva ngqo futhi. Aniboni ukuthi yingani izinqubo zezinhlango iyiphutha na? Ubani owayiqalayo na? Ngabe uNkulunkulu na? Ngabe abaphostoli na? Kwenziwa yibandla eliRoma Katolika. Manje makuthi nje noma yimuphi usomlando asho okwehlukile. Akukho lapho. Bona, bathi bayibandla elingumama, futhi bayilo. Kodwa bayayihlela into, futhi babeka inqubo, nekhanda lomuntu likuyo. Futhi asithathanga umuntu oyedwa, njengoba benza; sithatha wonke umkhandlu wamadoda, siwahlanganise ndawonye, bese kuthi-ke ninokudideka ngempela. Kunjalo. Ungakwenza kanjani umkhandlu, empeleni na?

171 Kufana nje, sicabanga ukuthi intando yeningi ilungile. Ngicabanga ukuthi ilungile, futhi, kodwa ayisoze yasebenza kahle. Ingeke. Nesigejane soRicky khona ngapha ukuyiphatha, uzoyilungisa kanjani ezweni na? Ungeke. Qaphelani, into yangempela yayiyinkosi emesabayo uNkulunkulu.

172 Qaphelani isiDalwa, isiDalwa sesithathu, manje, kwakungukuhlakanipha komuntu. Futhi wayemele abaguquli abaphumayo.

173 Kusukela esithixweni, sokuthatha, uthi, “Lesi yisinkwa.” [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kane—Umhl.] “Leli yiwayini.” [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kabili.] Niyabo, umphikukristu usalokhu enokuthize okufanekisa



ubuKristu. Uzofanele, ngoba u “melene,” niyabo. Bese kuthi-ke, uma ezomelana nento ethize. . .

174 Manje, uma efika, athi, “O, nginguBuda.” Awu, lokho akunalutho. Bonke bayakwenza. Lowo ngumhedeni nje, kwase kuqaleni.

175 Kodwa umphikukristu uhlakaniphile. Unazo zonke izinhlobo zezinto emele ubuKristu lapho. Kuphela, unakho kucezukele ngakolunye uhlangothi, into ethize emelene neMfundiso yasekuqaleni yaBo. Niyabo, yilokho okumenza umphikukristu. Niyabo?

176 Ngakho, abaguquli, ngenkathi isiDalwa siphuma ngesimo so—somuntu, ukulwa nalokho!

177 Manje, ningakukhohlwa lokhu, klasi! Ningakukhohlwa! [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kane—Umhl.] Niyabo? Kukhumbuleni, zonke izinsuku zokuphila kwenu! Niyabo? LeziziDalwa ziqinisile. Ngu ISHO KANJE INKOSI. Niyabo?

Qaphelani, ukukhonza izithombe baletha i. . .

178 IsiDalwa esingumuntu saphuma namandla kaNkulunkulu, ngokuhlakanipha uNkulunkulu amnika khona, wayeseletha iBandla elisusa ekukhonzeni izithombe, babuyele kuNkulunkulu. Kodwa e. . .

179 Siyathola, kulowonyaka webandla ofanayo, ngenkathi beqala ukwenza ukuhlela, ukwenza into efanayo abayenza ekuqaleni, okwenziwa yiRoma, manje lizokwenza amadodakazi kulelobandla. Futhi lithini na?

180 Lathi, “Manje ngokuthi u. . . Angikufumananga uphelele. Futhi ufanele uqinise lawomandla amancane osasele nawo.” Manje Mlaleleni ebaxwayisa, eSambulweni futhi, 3:3. Asithole. . . Awu, ngikholwa ukuthi ngikutholile, emizuzwini embalwa nje edlule.

*Ngakho-ke khumbula ukuthi wamukele wezwa kanjani, futhi agcine, uphenduke.*

181 Nje, ngamany’amazwi, “Khumbula ukuthi uphuma ekonakaleni okunjengalokho.” Niyabo? Futhi bukani lapha.

*. . . Ngokuba uma ungalindi, ngiyakuza kuwe njengesela, (ehhe), futhi uyokwazi. . . kawusoze walazi ihora engiyakuza ngalo kuwe.*

182 Kwehle njalo, Uzolususa uthi lwesibani, niyabo. Ngakho, yilokho-ke. Kuyini na? UkuKhanya kweBandla.

183 Futhi laqonda ngqo enqubweni efanayo yenhlangano yobumnyama bobuhedeni eliphuma kuyo, futhi lisahleli lapho nanamhlanje, nabantu abanhliziyozethembekile becabanga ukuthi lelo yiQiniso, ngokufanayo nje njengoba amaKatolika enjalo. NamaProtestane ahleka iKatolika; kanti, yisithupha

koyedwa, nohhafu wedazini lomunye, impela, ngokweZwi. Ukuhlakanipha komuntu!

184 Manje qaphelani. O, ngikuthanda kanjani nje Lokhu! Mlaleleni manje ebaxwayisa. Manje, manje si... Nivumelana ngokuphelele, nonke na? Manje, uma ningavumelani, ngibhaleleni umbuzo. Lokho, lezoziDalwa zikhonjwa impela onyakeni ngamunye, njengoba iBhayibheli lizikhombe lapha. Yilokho impela ezikwenze lapho. Umlando uyakhombisa ukuthi zenzeni. Sibuka khona lapha futhi sibone ukuthi zenzeni.

185 Futhi lapha, lezoziDalwa, a—a—angikaze ngikwazi lokho ngaphambili. Bengihlezi lapho nje. Bengikubona nje kwenyukela lapho, ngokufanayo nje njengoba ningibuka. Niyabo? Futhi kuzofanele kube ngokuqinisile, ngoba kukhona lapha neBhayibheli. Ngakho nizokwenza kanjani noma yini enye into ngaphandle kokusho ukuthi kuqinisile na? Qaphelani.

186 Manje, isiDalwa sesine, esathunyelwa ukulwa nomphikukristu, kulesisiDalwa sokugcina. Senilungele na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] IsiDalwa sokugcina esathunyelwayo, noma amandla okugcina ukulwa nomphikukristu owayemelene nokuFundisa kukaNkulunkulu, umphikukristu, sasilukhozi. Niyabo? IsiDalwa sesine esiphilayo sasilukhozi. Manje, fundisisani iminyaka nje, fundisisani imiBhalo. Lukhozi! Futhi eBhayibhelini, unyaka wokugcina wawungunyaka wokhozi. NoNkulunkulu ufanisa ukhozi nabaprofethi baKhe. Niyabo? Ku... Manje bhekisisani. Unyaka wokugcina, unyaka wokhozi, u—umambuli weZwi leqiniso. Niyabo?

187 Ngaphambi kokuba uNkulunkulu angene emnyakazweni, njengoba Enza emihleni kaNowa, Wathumela ukhozi. Ngenkathi Eletha uIsrayeli, nempi kaFaro yayisilungele ukuhamba, Wathumela ukhozi. Ngaso sonke isikhathi, Uthumela ukhozi ekugcineni, ekupheleni kwawo.

188 Futhi lapha Uthumela ukhozi, futhi. Lokho kuhambisana ncamashi neZwi. Ngakho ungakwenza kanjani kube ngenye into na? Uthumela ukhozi, (ngani na?) umambuli weQiniso ekade lehla wonke umnyaka.

189 Ngakho bekungenzeka kanjani ezweni ukuba i—inkabi, noma u—noma umuntu, kumbe noma ngabe yisiphi isiDalwa esasigibele, kwakungake kuze kwembulwe kanjani kuze kufike ukhozi na? Zazinendawo yazo; zazimesaba uNkulunkulu, iziDalwa ezithunyiwe, ngokufanayo nje njengoba noma ubani omunye wayenjalo.

190 Ingonyama, leso kwakungesasekuqaleni. Yilapho umphikukristu enyuka khona u—ukulwa.

191 Wayesevusa amanye amandla-ke; Wathumela amandla ukuhlangabezana nawo.

192 Wayesevusa amanye amandla-ke; Wathumela amanye amandla ukudibana nawo.

193 Kwase kuthi-ke emandleni okugcina, Wehlisa ukhozi, “Ukubuyisela abantwana babuyele ekuKholweni kwasekuqaleni futhi, koyise.” Unyaka wokhozi! Manje-ke, niyaqaphela, akusekho-ziDalwa. Yilokho kuphela kwakho. Lokho ngukuphela. Manje, ukuba beningathatha manje iSambulo 10:1, 7. Kade ngikhomba kukho. Khumbulani, onyakeni wesithunywa sokugcina, niyabo, kwakuzokwenzekani na? “Zonke izimfihlakalo zikaNkulunkulu ziyokwembulwa.” Ukhozi! Amen!

194 Manje niyazibona izilo ezagibelayo. Lokho kwakuqinisile ngokupheleleyo. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Futhi manje nanku unyaka ngamunye, noma amandla ngamanye agibela emva kwaso. Futhi nanko umBhalo okhombisayo ukuthi umgibeli wesitha wenzani. Lokho kwembulwe kuleziziMpawu. Kanti futhi kwembuliwe manje ukuthi isiDalwa ngasinye, amandla uNkulunkulu awathumelayo, ukulwa naso, kushaya ncamashi emhlolweni, kwenyuke kuze kuzofika esikhathini sokhozi. Manje, uma lesi kuyisikhathi sokugcina, kuzofika ukhozi, kunjalo, nakulokho. Manje, khumbulani.

195 Manje, ngezinsuku okwafika ngazo ingonyama, iZwi lasekuqaleni, cishe oyedwa ekhulwini wabo walalela ingonyama.

196 Ngezinsuku i—inkabi eyafika ngazo, ithonsi elincane nje ncu labo lalalela umlayezo wenkabi.

197 Ngezinsuku u—umuntu afika ngazo, wasebenza phakathi kwamadoda, niyabo, ngakho Wayehlakaniphe sabuqili. Wakhapha isixuku esincane.

198 Futhi benzani na? USathane wakubona lokho, ngakho nje ubathumela ubabuyisa ngqo futhi ubashadisela kukho.

199 Futhi khumbulani, ngenkathi ukhozi ekugcineni lufika, kuyoba ngoyedwa ekhulwini lepesente elilodwa oyolalela. Ngunyaka wokhozi. Khumbulani, konke yilababagibeli abanye. . . Futhi manje-ke ngisho noJesu wabikezela, “Ukuba Akakusheshisanga ukuFika kwaKhe, bekungebebikho-nyama, nhlobo, esindiselwa uHlwitho.” . . . ? . . . Ngabe lowo ngumBhalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyabona-ke lapho esikhona, aniboni, mfowethu nodadewethu na? [“Amen.”] Niyabona ukuthi sikuphi na?

200 Nkulunkulu, ngijabula kakhulu, a—a—angazi ukuthi ngenzenjani! Lona akusimina nje engimi phezulu lapha uku—ukuba ngikhulume. Ngiphakathi lapha, futhi. Mina, ngiphakathi kwenu. Niyabo, mina, Yimi. Nginomndeni. Futhi nginabafowethu nodadewethu engibathandayo. NoNkulunkulu waseZulwini, unomusa ngokwenele ukuba ehle futhi—futhi

embule leyonto, ngeyaKhe uqobo, ngemibono efakazelwe iminyaka engamashumi amathathu, yiQiniso. Silapha. Si... Sesifikile. Yilokho kuphela. Ucwangingo lwesayense liLifakazele. Ukuqinisekiswa kweZwi kuLifakazele. Futhi silapha! NalesiSambulo sivela kuNkulunkulu, futhi SiyiQiniso!

<sup>201</sup> Kukhona enikubambile na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngimangalile nje ukuthi ngabe nikubambile yini. Niyabo? Yebo, mnumzane. Ngingahle ngingadingeki ukuba nginitshele-ke, iSonto. Qaphelani. Qaphelani. Kuyamangalisa! Manje, manje, qaphelani manje.

<sup>202</sup> Bese kuthi-ke ngokwe—kwesikhathi uNkulunkulu ayezosindisa ngaso izwe lasemandulo umhlaba ungakabhubhi ngamanzi, Wathumela ukhozi.

Futhi ngesikhathi Ayezosindisa ngaso uSrayeli, Wathumela ukhozi.

<sup>203</sup> Niyakholwa ukuthi isikhathi, ngisho nakuJohane, esiQhingini sasePatmose, loMlayezo wawuphelele ngangokuthi Wayengenakwethembela eNgelosini ngaWo na? Niyazi, ingelosi yisithunywa. Kodwa niyazi ukuthi isithunywa sasingumprofethi na? Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Asikufakazise. ISambulo 22, ake sibone ukuthi ngabe kwakuwukhozi yini. Ya. Niyabo, wayeyi... Impela, wayeyingelosi, uyisithunywa, kodwa kwakungumprofethi owembula yonke leNcwadi yeSambulo kuyo.

<sup>204</sup> ISambulo, isahluko 22 nevesi 19, ngikholwa ukuthi kunjalo uma nginakho kubhalwe phansi lapha... 22:19, ngingahle ngibe nephutha. Qhabo. [Omunye uthi, "Ngama 22:9, mhlawumbe."—Umhl.] 22:9, yilokho-ke. Bengibuka kuma 22:9. Kunjalo. O, yebo, lapha.

*Yayisithi kimi, Musa: ngokuba ngiyizinceku kanye nawe, nabazalwane bakho abaprofethi,...*

<sup>205</sup> Bhekisisani ukuthi uJohane uboneni lapha.

*...Mina-Johane nginguye owabona lezizinto, nowazizwayo.*

<sup>206</sup> Manje useyavala. Lesi yisahluko sokugcina.

*...Kuthe sengi...zwile sengibonile, ngawa phansi ukuba ngikhuleke phambi kwezinyawo zengelosi ekhombisile lezizinto, engikhombisile lezizinto.*

<sup>207</sup> Futhi, "yona," manje-ke, "ingelosi," niyabo.

*Yayisithi kimi, Musa:...*

<sup>208</sup> Akukho-mprofethi weqiniso oyokhulekelwa, noma isithunywa sanoma yiluphi uhlobo, niyabo. Lokho kukuNkulunkulu yedwa.

*Yayisithi kimi, Musa: ngokuba ngiyinceku kanye nawe, nabazalwane bakho abaprofethi, nabagcina amazwi alencwadi: khuleka kuNkulunkulu.*

209 Niyabo? Manje, iNcwadi yayibaluleke kakhulu, ukuthi, IyiZwi likaNkulunkulu. Manje bhekisisani. Futhi uma iZwi likaNkulunkulu lilethwa, Lizofanele lilethwe ngumprofethi, ngoba yilowo iZwi likaNkulunkulu eliza kuye.

210 Bengilindele ukuthola umbuzo kulokho, ku—kulelibhokisi lapha. Bengicabanga ukuthi bengizovele nje ngibashaye kuwo, kancanyana, niyazi. Ngiyezwa nje ukuthi kunowodwa phakathi lapho kanjalo, yilokho kuphela. Ngi—ngicabange nje ukuthi ngizofika kuwo, niyabo. Niyabo?

211 Lonke iZwi likaNkulunkulu liyaletshwa. IBhayibheli aliyiguquli inqubo, nhlobo, niyabo. Yinto efanayo. Lizofanele lize kulomboni esimlindele ukuba afike, manje qaphelani, iSambulo 10:1, 7.

212 Manje asifunde i—ivesi 9 futhi. Manje sithola...si... Manje, ngaphambi kokuba siye kulelovesi, ngifuna ukunibuzisa okuthize.

213 Niyabo, ngokuphelele, ngaphambi kokuba siyeke leziziMpawu na? Manje khumbulani, akusekho-mandla aphumayo emva kwalolokhozi, niyabo, awasekho. Ngaso sonke isikhathi umphikukristu ayethumela ngaso into ethize, uNkulunkulu wayethumela amandla. Umphikukristu wathumela amanye amandla; uNkulunkulu wathumela into ethize ukulwa nawo. Wayesethumela amanye amandla; uNkulunkulu wathumela into ethize ukulwa nawo. Niyabo? Kwase kuthi-ke ngenkathi Esehlela okhozini, lelo kwakuyiZwi laKhe, emuva njengoba Lalinjalo endaweni yokuqala.

214 Manje bhekisisani. Akusuye yini umprofethi esimbheke ukuba afike, indoda ethize egcotshwe ngo—ngoMoya njengoElija na? Ngeke kube uElija, kusobala. Kodwa kuyoba ngumuntu, onjalo, uzokwehla. Nenkonzo yakhe impela izothumela, ukubuyisela emuva, kulababantu abawile ngalokhu ukusonteka kwamahlelo, babuyele ekuKholweni kwasekuqaleni kwawobaba. Manje, uma lokho kungalibophi leloBhayibheli ndawonye, a—angazi ukuthi kwenziwa yini. Ngi—ngi—ngingeke ngisasho okunye ngakho, ngoba yilokho-ke. Uyafika nje. Lelo yiQiniso. Uthatha noma yini lapho, uyayisonta. Niyabo? Ngakho, yona, izofanele ibe ngaleyondlela nje.

215 Manje qaphelani, manje, evesini 9, “Imiphefumulo ephansi kwealtare.” Manje, nakhu lapho engizothola khona ukungavumelani ngempela. Kodwa bhekisisani nje umzuzu nje. Futhi nje...Niyabo? Ngikucabangile lokho, nami, kodwa akufikanga ngaleyondlela. Sine...Bengihlala njalo ngicabanga ukuthi lemiphefumulo ephansi kwealtare yayi—yi—yingabafelukholo beBandla lasekuqaleni. Futhi ngineqiniso

ukuthi uDr. Uriah Smith, nabobonke abanye, uthi yibo. Niyabo? Kodwa, ngangcabanga kanjalo, qobo lwami. Kodwa ngenkathi uMoya oNgcwele ukhombisa umbono wakho, kwakungesibo; akusiyo imiphefumulo.

Manje, manje wena uthi, “Awu, manje, angazi ngalokho.”

216 Awu, manje, umzuzu nje, sizothola. Bukani. Lena ayisiyo imiphefumulo ye—yeBandla eliwuMlobokazi, akusiyo nhlobo. Besicabanga ukuthi lelo kwakuyiBandla eliwuMlobokazi lilinde lapho, imiphefumulo ephansi kwealtare, niyabo, imemeza, “Koze kube-nini, Nkosi, koze kube-nini na?” Ake ngikufunde futhi manje, ukuze sikuthole kahle.

*Nalapho selivula uphawu lwesihlanu, ngabona phansi kwealtare imiphefumulo yababebulewe ngenxa yezwi likaNkulunkulu, nangenxa yobufakazi ababenabo:*

217 Niyabo, “IZwi likaNkulunkulu, nobufakazi ababenabo.” Manje, ninga—ningagudluki kulokho. Umzuzu nje, niyabo.

*Futhi bamemeza...Koze kube-nini,...Mbusi, koze kube-nini na?... (niyabo?)...ongcwele noqinisileyo, unga...hluleli uphindisele igazi lethu kulaba abakhileyo emhlabeni na?*

*Base benikwa kwaba yilowo nalowo izingubo ezinde ezimhlophe; futhi kwashiwo kubo, ukuba baphumule isikhashana, baze baphelele abayizinceku kanye nabo na—na... bazalwane, ababezokubulawa njengabo, ukuze kugcwaliseke.*

218 Manje, ngokuba bona, ngalesisikhathi, uma niqaphela, loluPhawu lwesiHlanu luvulwa, niyabo, iBandla selihambile. Ngeke nje kwenzeka, imiphefumulo ephansi kwe—kweBandla lasekuqaleni.

219 Manje, manje, ngiyacela, uma nake nakunaka lokhu manje, ngoba lena ngenkulu icontrover...impikiswano, ngakho ngifuna nilalele ngokusondela ngempela manje. Futhi ninamaphepha enu, nezinto ukubhala ngazo. Manje, ngifuna niqaphele.

220 Manje, lena ingebe yileyomiphefumulo. Ngoba, i—imiphefumulo yaba—yabalungileyo, abafel’ukholo, nabantu abalungileyo, iBandla, uMlobokazi, usevele ukhushuliwe, ngakho babengeke babe phansi kwealtare. Bebeyoba seNkazimulweni, noMlobokazi. Manje bhekisisani. Ngokuba, sebeye oHlwithweni, esahlukweni 4 seSambulo. Bakhushulwa.

221 Manje, ingobani lemiphefumulo, ke? Leyo yinto elandelayo. Ingobani, ke, uma ingesilo iBandla lasekuqaleni na? Lona nguIsrayeli ukuba asindiswe njengesizwe, bonke labo abamiselwe ngaphambili. Lowo nguIsrayeli. Lowo nguIsrayeli, qobo lwakhe.

222 Wena uthi, “O, awulinde kancane.” Wena uthi, “Bangeke.” O, yebo, bazosindiswa.

223 Lapha, asikuzazulule, umzuzu nje. NginemiBhalo emine noma emihlanu. Ngizothatha owodwa. Asithathe abaseRoma, umzuzu nje, futhi sithole ukuthi ngabe ayiwo yini. Asithathe iNcwadi yabaseRoma, futhi siye e—esahlukweni 11 sabaseRoma, futhi sizothola. Nje. . . Asikufunde nje, sizobe-ke sesiba nakho ngesingathi. KwabaseRoma, isahluko 11, ivesi 25 nelama 26. Manje lalalani uPawulu lapha.

224 Wayesethi uPawulu, “Uma noma ubani omunye, ngisho neNgelosi, ishumayele noma yiliphi elinye ivangeli,” (ini?) “wayefanele aqalekiswe.” Bhekisisani.

*Ngokuba angithandi, bazalwane, ukuba ningayazi imfihlakalo (a!), funa nizishaye abahlakaniphileyo (nakho lapho okhona); inxenye kaIsrayeli yehlelwe ngubumpumpithe, kuze kube ngukugcwalisa, kungene abeZizwe ngokupheleleyo.*

225 UMlobokazi wabeZizwe wokugcina angeniswe, kwenzelwe uMlobokazi, ubumpumpithe buza kuIsrayeli okwaleyonhloso.

*Kanjalo uIsrayeli wonke uyakusindiswa: njengalokho kulotshiwe ukuthi, Kuyakuwela eSiyoni uMkhululi, asuse ukungalungi kukaJakobe:*

226 Kunjalo! Manje, banguIsrayeli, ophansi kwalel’ialtare. Bhekisisani. UIsrayeli waphuphuthekiselwa yona impela inhloso yethu sisindiswa. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Manje, ubani owabaphuphuthekisayo na? UNkulunkulu. UNkulunkulu waphuphuthekisa abantwana baKhe uQobo.

227 Akumangalisi, uJesu, emi lapho esiphambanweni, nalawomaJuda eklabalasela iGazi laKhe! Lowo kwakungabantwanyana baKhe uQobo. Futhi WayengumBhalo. Wayeyiwo, qobo lwaKhe, iZwi. Futhi lapha, Yena azi ukuthi labobantu babeyoMemukela ngokujabula! Futhi yingalesosizathu Abaphuphuthekisa, ukuze bangaMqondi. Ufika ngendlela ethobe ngempela, futhi wabaphuphuthekisa kukho, ukuba bangakwemukeli. Niyabo? UmBhalo wathi babezokwenza. Futhi Waphuphuthekisa. Waphuphuthekiswa! UJesu wabadabukela, ngisho nakangaka, lapho Ethu, “Baba, bathethelele. Abakwazi abakwenzayo.” Niyabo? Babephuphuthekile. UPawulu wathi baphuphuthekiselwa isizathu, ngenxa yethu.

228 Qaphelani. Manje ngifuna nibhekisise lokhu ngokusondela ngempela. “Banikwa izingubo ezinde.” Babengenazo. Banikwa izingubo ezinde, izingubo ezinde ezimhlophe, ngamunye wabo. Manje, abangcwele manje banazo, sebevele banayo; bayithola lapha. Kodwa, lapho, “Banikwa izingubo ezinde.” Nabangcwele

base bevele benazo ezabo, futhi sebahamba. Niyabo? Niyabo? Babene—bengena . . .

<sup>229</sup> Bona, niyabo, babengenathuba, ngoba baphuphuthekiswa nguNkulunkulu, uYise uqobo; ukuze umusa kaNkulunkulu ukwazi ukugcwaliseka, ukuze uMlobokazi akwazi ukuthathwa kwabeZizwe. Kunjalo na? [Ibandla lithi “Amen.”—Umhl.]

<sup>230</sup> Ake—ake nginikhombise umfanekiso omuhle lapha kuJosefa; uJosefa, indoda kaMoya, ukhozi. Wazalwa phakathi kwabafowabo, njengoba injalo nje iBandla langempela phakathi kwelinye. Futhi wayekwazi ukuhumusha amaphupho nokubona imibono. Nabo bonke abanye babo bamzonda. Uyise wamthanda.

<sup>231</sup> Qaphelani, manje-ke, wayephandle, waxoshwa abafowabo, hhayi nguyise. Wakhishwa, ngabafowabo, futhi wathengiswa cishe impela ngezinhlamvu ezingamashumi amathathu zesiliva. Waphoswa emgodini, futhi kwathathwa sengathi ufile.

<sup>232</sup> Wakhushulwa, wayesehlala ngakwesokunene sikaFaro. Futhi ngoba waxoshwa ngabafowabo, niyabo, wanikwa umlobokazi wabeZizwe, hhayi owakubantu bakubo uqobo. Ngokwalapho, wazala uEfrayimu noManase, owanezelwa kuIsrayeli.

<sup>233</sup> Njengoba UIsrayeli wababusisa, ngokuphambanisa izandla zakhe, esuka komncane kunabo bonke kuya komdala kunabo bonke, ukuphambanisa izibusiso kusuka kumJuda, kubuyela . . . noma kusuka kumJuda kuya koweZizwe. Niyabo? Waphambanisa izandla zakhe, kuya endodaneni encane kakhulu, okuyiBandla elincane kakhulu ukuba lingene. “I—ibandla elingumama lama elangeni; lazala lengane.” Futhi qaphelani, ukumthola, uIsrayeli waphambanisa izandla zakhe, emfanekisweni. Futhi uJosefa . . .

Labobantwana abafanayo, kwakungumama wabeZizwe.

<sup>234</sup> Umlobokazi wakwaIsrayeli, emuva lapho, uba ngophanjanisiwe, esuka ebandleni elidala loMthetho, ewelele endleleni yobuKristu, ngoMoya oNgcwele owaphambanisa izandla zikaIsrayeli. Wathi, “UNkulunkulu uphambanise izandla zami.” Wayengahlanganise lutho nakho.

<sup>235</sup> Qaphelani. Manje-ke, uJosefa, enqatshwe abazalwane bakubo uqobo, abantu bakubo uqobo, wathatha umlobokazi wabeZizwe. Khona impela nje okwenziwe nguJesu; wenqatshwa abaJuda, wathatha uMlobokazi wabeZizwe.

<sup>236</sup> Manje asifunde into ethize lapha. NginomBhalo obhalwe phansi, iZenzo 15. Futhi, o, lolu nje wuhlobo lokuthi nje esifanele silufundise, empeleni. Manje, ngikholwa ukuthi ngikuthole kahle lokhu, fundani iZenzo 15:14. Kulungile. Ngithemba ukuthi lokhu kukahle manje. Kulungile. “USimeyoni uselandile ukuthi uNkulunkulu waba kanjani . . .” Qhabo, asiqale evesini 13.



*Kepha sebethulile, uJakobe wathatha wathi, . . .*

237 Manje, niyabo, okwakwenzekile, babeye kwabeZizwe. Niyabo? Nokuqophisana kwakukhona, ngoba babengabaJuda. Niyabo?

*Kepha sebethulile, uJakobe wathatha, wathi, Madoda bazalwane, ngilaleleni:*

*USimeyoni (lowo nguSimoni Petru) uselandile ngokuhlela kukaNkulunkulu ekuqaleni, ukuba athathele igama lakhe isizwe kubo abeZizwe.*

238 Mm! Niyabo, igama lomkami kwakunguBroy. Ngenkathi ngimthatha, waba nguBranham. Niyabo?

239 UJesu ukhipha iBandla laKhe, noma uMlobokazi waKhe, kwabeZizwe. NgumBhalo, kufanekisiwe, njengoba wayenjalo nje uJosefa.

240 Manje qaphelani lokhu, manje, lemiphefumulo ephansi kwealtare. Awu, i . . . lokhu, “Lemiphefumulo,” ukuqonda manje, “ophansi kwealtare,” kungani yabulawelwa ukholo ngamadoda anezono njengoEichmann. Niyabo? Ibambelele ngqo, izigidi zayo, niyabo, kodwa ihlala ingamaJuda.

241 Manje, khumbulani. Kwakuyini na? “Babulawa ngenxa yeZwi likaNkulunkulu,” hhayi ngenxa yobufakazi bukaKristu. Nikuqondile lokho na?

242 Kodwa, khumbulani, iBandla liyanga, futhi, abafelukholo beBandla, kwakungenxa yeZwi likaNkulunkulu nangenxa yobufakazi bukaJesu Kristu. Bangaki okwaziyo lokho, lapha e . . . [iBandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ya. Kulungile.

243 Manje, kodwa laba babengenabo ubufakazi bukaJesu Kristu.

*. . . ngenxa yeZwi likaNkulunkulu, nangenxa yobufakazi ababenabo:*

244 AmaJuda! NoHitler wayewazonda, wenzenjalo noEichmann, wenzenjalo noStalin, bonke abanye basemhlabeni. Niyabo? Kodwa ahlala ngokwethembeka kulokho ayekukholwa. Futhi bawabulala ngoba ayengamaJuda.

245 Benazi yini ukuthi uMartin Luther wathi ukuba wuhlobo lokuba nalowomqondo ofanayo, naye na? Yiqiniso. Wathi, “Onke amaJuda afanele akhishwe. Bangumphikukristu.” Niyabo? Kodwa nje wayephansi kwesinye isimiselo sesikhathi, futhi akakubonanga, akalibonanga iZwi.

246 Manje iZwi, iQiniso, liyavela. Uzoke uze umphuphuthekise umkhiphe kanjani uIsrayeli na? Ungeke wakwenza. Qhabo.

247 O, lowomprofethi wayekwazi kanjani ukusukuma lapho, ngalolosuku, futhi athi, “Ubukeka njengenyathi, Israyeli?” Ngenkathi bezama ukumkhombisa izinxenye ezimbi kunazo zonke zakho! Wathi, “Ngani,” wathi, “okubusisayo uyobusiswa,

nokuqalekiswa uyakuqalekiswa.” Kunjalo. O, ndoda! Uzokwenza kanjani na?

<sup>248</sup> Ngesinye isikhathi babecabanga ukuthi uNkulunkulu wayezokhohlwa, ngenkathi umprofethi ebone leyonto emnyama iza kumaJuda. Lowomuntu emi lapho, neZwi likaNkulunkulu lathululelwa kuye. Wathi, “O Nkosi, Uzobashiya abantu baKho na?”

Wathi, “Yini leyo elele eduze kwakho na?”

Wathi, “Yinduku yokulinganisa.”

<sup>249</sup> Wathi “Kuphakeme kangakanani ukuya eZulwini na? Lilinganise.” Ehhe. “Lujule kangakanani ulwandle na?”

Wathi, “Angikwazi ukukwenza.”

<sup>250</sup> Wathi, “Kanjalo naMi ngingeke, kanjalo naMi ngeke ngike ngimkhohlwe uIsrayeli.” Qhabo, mnumzane. Akazukumkhohlwa.

<sup>251</sup> Wadingeka Aphuphuthekise umntwana waKhe uQobo. Manje, kucabangeni lokho. Uphuphuthekisa umntwana waKhe uQobo, ukusinika ithuba, futhi siyaLenqaba. Manje, lokho akukwenzi yini uzizwe cishe umncane kakhulu ngangokuthi ungagaqa phansi kweblokwe likakhonkolo ufake isigqoko esingutheni-galani, futhi ungakuthinti neze na? Lokho kuncanyana, niyazi. O, he! Yebo.

<sup>252</sup> “Babambela iZwi likaNkulunkulu.” BabengamaJuda. Babenomthetho wabo; bahlala nawo. Niyakhumbula izolo ebusuku, manje na? Niyabo? Bahlala nalokho. Futhi babengamaJuda, futhi babenomthetho. Nomthetho wawuyiZwi likaNkulunkulu, futhi bahlala ngawo ngqo. Kunjalo. “Nangenxa yobufakazi ababenabo, babulawelwa ukholo.” Futhi nansi imiphefumulo wawuphansi kwealtare, emva kokuba iBandla lase lihambile.

<sup>253</sup> Manje bhekisisani. Babenakho, ekuphuphuthekeni kwabo, bambulalela ukholo uMesiya wabo, futhi manje base bevuna ngakho. Bakuqonda. Bakuqonda, emva kokuba sekwahamba. Base beMbona-ke, ngenkathi beza phambi kwealtare likaNkulunkulu. Kodwa manje umusa kaNkulunkulu ukubo.

<sup>254</sup> Bhekisisani. Manje, abakwazanga, nhlobo, babengcwele, ngoba base bevele bembeswe izingubo ezinde. Kodwa nampa balapha manje, nje “imiphefumulo ephansi kwealtare, ngenxa yeZwi likaNkulunkulu, nobufakazi ababenabo,” ukuba ngabantu bakaNkulunkulu, abaJuda.

<sup>255</sup> Kodwa manje, bhekisisani, umusa kaNkulunkulu uza kubo. NoJesu ubanika, ngamunye, ingubo ende emhlophe, (o, he, bhekisisani; kuthi ngqu ngale, emva kokuba iBandla selihambile), ngoba babethembekile embangeleni yabo. Futhi babephuphuthekile, futhi babengakwazi. Babengakwazi. Babebamba lona impela iqhaza uNkulunkulu ayebagcobele

lona ukuba balibambe. Futhi lapha, lapha, uJohane ubuka ngale futhi ubona imiphefumulo phansi kwealtare. Manje bhekisisani, ubona leyomiphefumulo. Bhekisisani ukuthi ubabiza ngokuthini.

Bamemeza, “Nkosi, koze kube-nini na?”

Bhekisisani, “Isikhashanyana esidanyana nje.” Niyabo?

<sup>256</sup> Asikuthole lokho, njengoba sehla, sehle ngqo ngomBhalo manje. Bayaqonda ukuthi babambulale ngamabomu uMesiya wabo. Niyabo? Futhi babengakwazi, kodwa base beqonda-ke. Bathola—bathola ukubulala ngamabomu, emuva, ukukukhokhela, lapho benza okungalungile. Futhi manje bukani ukuthi yinto enjani ababefanele bayenze! Niyabo, babenecala lokubulala ngamabomu, ngakho bathola ukubulawa ngamabomu. Niyabo? Bamemeza, “Igazi laKhe malibe phezu kwethu!” Niyabo? Kunjalo. Futhi babephuphuthekisiwe.

<sup>257</sup> Manje, ukuba babekade bengaphuphuthekiswanga; uNkulunkulu wathi, “Bayekeni kunjalo. Abafanele.” Kodwa ngokuthi baphuphuthekiswa nguNkulunkulu, umusa waKhe wafinyelela phansi kubo. Amen! Nikhuluma ngomusa omangalisayo! Futhi unika ngamunye wabo ingubo ende, ngoba wonke uSrayeli uyakusindiswa, wonke onegama lakhe lilotshiwe. Kunjalo. UJesu ubanika izingubo ezinde.

<sup>258</sup> Njengoba kwenza uJosefa kubafowabo; umfanekiso. Bukani, ngenkathi uJosefa ema lapho, futhi ngenkathi ekugcineni . . . Wazazisa lapho ngasealtare, ialtare lakhe uqobo, esigodlweni sakhe, isihlalo sakhe sobukhosi. Wathi, “Wonke umuntu akangishiye.” Umkakhe wayengale esigodlweni; lapho uMlobokazi eyobakhona.

<sup>259</sup> Wayesethi kubo, wathi, “Aningazi na?” Hheyi, ukhuluma isiHeberu manje. “Ngingumfowenu, uJosefa.” O, he!

Bathi, “Manje, o, uzosithola.”

<sup>260</sup> Wathi, “Ake nime kancane. Ake nime kancane. UNkulunkulu wakwenzela inhloso lokho. Nina ukuba ningiphose phandle, ukuze alondolozwe impilo.” Udumo! Nakho lapho okhona, impela. Wathi, “Ninga, ningazithukutheleli.” Niyakhumbula ukuthi uJosefa washo lokho na? Wathi, “Ningazithukutheleli. Yonke into isilungile manje. Sekuphelile. UNkulunkulu wangithuma lapha, ngaphambili kwenu.”

<sup>261</sup> Niyazi, iBhayibheli lathi bayothi kuYe, ngenkathi sebeMbona eza, bathi, “Ake nisho, UnguMesiya, siyazi. Kodwa, kodwa, lezozibazi-ke na?” Niyabo?

<sup>262</sup> Wathi, “O, Ngazithola endlini yabangani baMi.” Abangani?

<sup>263</sup> Bese kuthi uma bekuqonda, labo osele, izinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane, iBhayibheli lathi bayohlukanisa, enye indlu kwenye. Futhi bathathe izinsuku, ukuba nje bakhale, futhi balile, futhi behle benyuka kwiphansi

lendlu; bathi, “Sakwenza kanjani na? Sakwenza kanjani na? Ngani, sabethela uMesiya wethu uqobo.” Basho, bekhala njengoba kungenza ikhaya ngendodana yalo ezelwe yodwa, “Sakwenza kanjani na?”

264 LawomaJuda, a—angabantu abakholwa ukwedlula bonke emhlabeni; abakhethwe nguNkulunkulu. Kodwa Wawaphuphuthekisa, ukuba athathe thina, futhi siyaKwala. Kuyini ukwahlulelwa kwebandla labeZizwe! Nakho lapho okhona. Niyabo? Baphuphuthekiswa ngenhloso, nguNkulunkulu, ukuze Akwazi ukuthola thina, uMlobokazi kaJesu. Ubakhipha e...Niyabo? Futhi kufanekiswe ngaphambili, nayo yonke into.

265 Manje seniyabona ukuthi ingobani imiphefumulo na? Ayisibo abangcwele ababulawelwa ukholo. Sebevele bahambile. Kunjalo. Qaphelani, base, base bevele behambile. Niyabo?

266 Ngakho, laba banikwa izingubo ezinde, ngamunye wabo. Futhi manje ngifuna niqaphele. Kodwa manje umusa kaNkulunkulu ukhothama uyofika kubo. UJesu ubanika ingubo ende emhlophe ngamunye, njengoba kwenza uJosefa, umusa wakhe kuba fowabo.

267 Manje bhekisisani. Nakuba babezame ukumqeda uJosefa, futhi, kodwa umusa wakhe wafinyelela phansi kubo. Niyabo? “O, kulungile. Lokho kulungile. Nangingaqondile ukukwenza lokho. Kodwa, niyabo, lowo kwakunguNkulunkulu enza lokho. Niyabo? UNkulunkulu wanidedela nonke nenze lokho ukuze Angixoshe, bese engiletha ezansi lapha ukuze ngikwazi ukusindisa izimpilo zabantu lapha, laba beZizwe lapha, lapho engathola khona umkami. Ngangingeke ngibe nonkosikazi ukuba—ukuba ngangihlale emuva enhla lapho. Manje, ngiyamthanda umkami. Ungitholele lababantwana lapha.” Wayesethi, “Ngi—ngi...Futhi manje—manje ngiyeza ngizonithatha nonke. Manje nonke kuzonihambela kahle, futhi. Ngizonehlisela lapha. Sonke sizokwakha ndawonye, njengomndenini omkhulu owodwa.” Niyabo? Niyabo? Niyabo? Wathi, “Into eyodwa engifuna ukunibuza yona. Ukuthi ngabe ubaba wami omdala usaphila na?” O!

268 Futhi mbhekisiseni, ukuthi wenzani kuBenjamini omncane, okungumfanekiso wezinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane, njengoba sizothola kamuva. Niyabona ukuthi wenzani na? Wavele nje wagijimela ngqo masinya kuBenjamini, wawela entanyeni yakhe wayeseqala ukumgona. Umfowabo omncane owayekade ezalelwe emndenini emva kokuba ayekade asahamba, niyabo; ngomama wakhe, ibandla lokuqala, ibandla loMthetho. Izinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane zazalwa Engekho yena, ngenkathi Engekho ukuyothola uMlobokazi waKhe wabeZizwe. O, he! Lokho akwenzi yini nje

into ethize kuwe! Nakho. Ngakho niyabona ukuthi bangobani na? Nampo.

269 Qaphelani manje, nakuba babezame ukumqeda uJosefa, umusa wakhe wafinyelela kubo.

270 Nakuba babezame ukumqeda uJesu, Usalokhu ebuya ngqo ejika (ngoba babephuphuthekile) futhi ubanika, ngamunye, ingubo ende emhlophe. Uzobathatha ayobangenisa ngqo, ekhaya, noma kanjani. Akwenzi nomnci umehluko, ngoba Usevele uthe, “Ngiyobasindisa bonke, noma kanjani.” Niyabo?

Manje ivesi 10. Qaphelani, bacela “impindiselo.” Niyabo?

271 Manje, ukuba lowo kwakukade kunguMlobokazi, kwakuyoba njengokukaStefanu. “Baba, bathethelele,” niyazi. Niyabo?

272 Kodwa lawa ngamaJuda elisanda kungena nje, niyabo. Acela “impindiselo.” Qaphelani futhi, niyabo, futhi Wathi... Qaphelani, akusikho... Wathi, “Ngabafowenu,” amaJuda. Ikhulu... Manje ayefuna impindiselo. Athi, “O, sizo... Thina, sifuna Wena usiphindiselele phansi lapho.”

273 Wathi, “Isikhashanyana nje, manje, isikhashanyana nje.” Ngokuba, qaphelani, ake ngikufunde lapha. Kuse—sevesini 10. Kulungile.

*Futhi bamemeza ngezwi elikhulu, bathi, Koze kubeni, O Mbusi, ongcwele noqinisileyo, ungahluleli uphindisele igazi lethu kulaba abakhileyo emhlabeni na?*

*Base benikwa kwaba-yilowo nalowo izingubo ezinde ezimhlophe; futhi kwashiwo kubo, ukuba baphumule nokho... isikhashana, niyabo, (ini?) isikhashana, baze abayizinceku kanye nabo...*

274 Niyabo? Manje kuyini na? Abaprofethi manje bashumayela kuIsrayeli. Niyabo?

*... baze abayizinceku kanye nawe... abayizinceku kanye nawe kanti futhi nabazalwane bakho, ababezakubulawa...*

275 Niyabo, labo abamiselwe ngaphambili ukuba benziwe kanjalo. Niyabo?

*... baphelele, abazakubulawa njengabo.*

276 Niyabo, ngamany'amazwi, bakumiselwe ngaphambili. YimiBhalo, ukuthi bafanele bakwenze. “Futhi phumulani isikhashanyana. Manje seninazo izingubo zenu ezinde; niya ekhaya; futhi hlalani lapho isikhashanyana, niyabo, lindani kancanyana.”

277 Manje qaphelani. Manje qaphelani, “Abazalwane bakho.” “Abazalwane bakho babesazobulawa,” okuchaza izinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane

ezisazobizwa ekuHluphekeni. Izinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane ebizwayo.

<sup>278</sup> Ngifisa sengathi ngabe besinesikhathi. Singahle sikuthole kusasa ebusuku, uma iNkosi ithanda, si...ngaphambi nje kokuba singene kolunye uPhawu. Niyabo?

<sup>279</sup> Futhi, manje bhekisani, bazodingeka babulawelwe ukhoho ngumphikukristu. Sisanda kuqeda nje; futhi qaphelani, ekugibeleni kwakhe kokugcina, lapho ephula—phula khona lesosivumelwano nalawomaJuda phansi lapho. Futhi nango ehamba. Niyabo?

<sup>280</sup> LamaJuda, izinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane, izobizelwa ngaphandle ngofakazi ababili beSambulo 11. Manje, niyakhumbula, babezoprofetha.

<sup>281</sup> Nikufundile lokho. Bangaki okufundile lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Impela, sonke sikwejwayele, ukufunda umBhalo.

<sup>282</sup> Futhi bayaprofetha, labofakazi ababili bayaprofetha, ngesikhathi sengxenye yesibili kaDanyeli yamasonto angamashumi ayisikhombisa. Lokho yiminyaka yokugcina emithathu nengxenye eyodwa.

<sup>283</sup> Niyakhumbula ukuthi sawathatha kanjani amasonto angamashumi ayisikhombisa kaDanyeli na? Ngathi siyokudinga uma singena lapha. Ngangingazi ukuthi kungani, kodwa nje nga... Into ethize yangitshela ukuthi siyokudinga, futhi nakhu silapha. Ya. Niyabo?

<sup>284</sup> Qaphelani, ngesikhathi sikaDanyeli. Manje khumbulani, uDanyeli watshelwa ukuthi, “UMesiya uyofika,” inkosana, “uMesiya,” njalo, “futhi Wayezoprofetha. UIsrayeli wayelokhu esenamasono angamashumi ayisikhombisa asele. Futhi phakathi namasonto angamashumi ayisikhombisa, uMesiya wayezonqunywa, nemihlatshelo yemihla ngemihla isuswe.” Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] “Kodwa kwakusalokhu kusenamathathu nengxenye, amasonto anqunyelwe.”

Kuleliblok, Uthatha uMlobokazi wabeZizwe.

<sup>285</sup> Manje, Uyakhuphuka. Futhi uma Ekhuphuka, abaprofethi ababili bavuka kuIsrayeli. Niyabo?

<sup>286</sup> Naleyomiphefumulo ofele ukhoho, manje, kwehlele lapha, awangempela, amaJuda angeqiniso ezansi ukudabula lapho; ayenegama lawo eNewadini, aphila impilo efanele futhi enze into efanele, aphila ubuJuda kwaze kwayofika echashazini. Wona, abulawelwa ukhoho nguEichmann nabanye abaningi. Abantu abaqotho, izigidi zawo phansi lapho! NalawomaJalimane awadubula awabulala, futhi awabulala ngamabomu, futhi awabulala, futhi awalengisa ezintangweni, futhi awashisa onke, futhi awalothisa, nakho konke okunye.

Lowo ongenagazi, noma onhliziyo-yegazi, uHitler olambile, noStalin, noMussolini, nabo bonke labobantu ababezonda lawomaJuda!

<sup>287</sup> Ngicabanga ukuthi leyo ngenye ye—enye yezinto ebambe lesisizwe saba ndawonye, ngoba bebehla njalo belihlonipha iJuda, kunjalo, balinike indawo. Yazisa iJuda, noNkulunkulu uzokwazisa.

<sup>288</sup> Manje, kunesigejane samaJuda esingamambuka, njengoba nje kunabeZizwe ngokufanayo.

<sup>289</sup> Kodwa iJuda langempela, uNkulunkulu wabeka igama lalo eNcwadini ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Futhi lalilapha, labulawa ngamabomu ngalesisikhathi. Futhi khumbulani, kucabangeni manje, ukuthi lokhu kuphelele kanjani. Khona nje emva kwalezozigidi zamaJuda abulawa ngokucekwa, abantu abangenacala, ngezizwe zomhlaba; lapha umBhalo uyasho, ngaso lesisikhathi, ukuthi ngalinye aphansi kwealtare, ayaqonda ukuthi kwenzekani, futhi anikwa izingubo ezinde ezimhlophe.

<sup>290</sup> Base bethi, “Awu, ngani? Singabuyela yini embusweni khona manje na?” Umbuso wamaJuda uzobekwa emhlabeni, niyazi. UJohane wathi umbuso wawulapho, niyabo, ukuba ubekwe.

Manje, lona nguMbuso weVangeli, niyabo.

<sup>291</sup> Kodwa umbuso wamaJuda uyoshunyayelwa yilaba—lababaprofethi ababili, ngakho qaphelani u—u—umbuso womhlaba lapha.

<sup>292</sup> “UMbuso weZulu uyashunyayelwa,” . . . ngamaJuda, noma ku . . . ngiqonde ukuthi, “koweZizwe.”

<sup>293</sup> Umbuso walapha emhlabeni, uzomiswa esikhathini seminyaka eyiNkulungwane, kamuva, isikhathi seminyaka eyiNkulungwane kumaJuda.

<sup>294</sup> Manje qaphelani. Qaphelani lokhu manje, lapha, besa—besashumayela, niyabo.

<sup>295</sup> Ngaphambi kokuba laba—lababaprofethi baze bavuke enkundleni; lamaJuda ayezofa phansi kukaEichmann nabanye li, ngalinye lawo elalimisilwe ngaphambili, linikwa (ngomusa) ingubo ende emhlophe. Ngalinye lawo linikwa ingubo ende emhlophe. Qaphelani.

Manje kwenzekani na? Kuthi nje lokho kungenzeka . . .

<sup>296</sup> Ngibhekisisa lelowashi elikhulu emuva lapho, futhi ngiyazi si—sishiywa yisikhathi. Kodwa angifuni uku . . . Niyabo, ngi—ngi . . . Bona . . . ngiqaphela labobafo bandla bemi lapho. UNkulunkulu anisize, bazalwane. Ngithemba ukuthi ngamunye wenu unikwa ingubo ende emhlophe ngalolosuku, niyabo. Nimi, nishintsha niya emuva naphambili, nemilenze ithunukala. Nabanye benu basebenze usuku lonke. Ngiyazi ukuthi lokho kuyini. Futhi bukani lapha . . . Nabanye babesifazane

abadadlana bandla bemile. Ngiqaphela abanye balaba besilisa benika abesifazane izihlalo zabo; nomunye umuntu enikeza, omunye umama omncane bandla nengane. Futhi ngi—ngi—ngi—ngiyakubona konke lokho, niyabo, futhi ngineqiniso ukuthi Uyakubona. Qaphelani. Kodwa angifuni ukunihlalisa isikhathi eside kakhulu. Uma nje ngingathola ukunibonisa uMlayezo, yilokho kuphela engifuna nikwenze, niyabo.

<sup>297</sup> Manje qaphelani lamaJuda. Ngizofanele ngenze lokhu, ukuze nginibonise isambulo saloluPhawu; nibone ukuthi luyini, lemiphefumulo ephansi kwealtare, nokuthi ingobani. Manje qaphelani.

<sup>298</sup> Ngesikhathi sikaDanyeli, manje, ingxenye yesibili yesonto lamashumi ayisikhombisa. Manje khumbulani, “UMesiya wayezonqunywa phakathi.” Lokho yimaphakathi. Awu, yini ingxenye yesikhombisa na? [Ibandla lithi, “Okuthathu nengxenye.”—Umhl.] Okuthathu nengxenye. Washumayela isikhathi esingakanani uKristu na? [“Emithathu nengxenye.”] Kunjalo. Manje, “Kodwa kusanqunyelwe, kubantu,” (ini?) “eminye iminyaka emithathu nengxenye.”

<sup>299</sup> Awu, ngalesisikhathi, ngani, niyabo, okwenzekayo, ngukuthi, uMlobokazi wabeZizwe uyaqokwa eminyakeni yebandla eyisikhombisa, futhi uyenyuka.

<sup>300</sup> Futhi uma lenza ngaleyondlela, onke lamaJuda elibulawelwe ukhohlo ngalapho ngenxa yobumpumpu the, elele phansi kwealtare, uNkulunkulu uyafika bese ethi, “Niyabona ukuthi kwakuyini na? Manje Nginika ngamunye wenu ingubo ende.”

Bathi, “Koze kube-nini, Nkosi na? Sesiyoungena yini manje na?”

<sup>301</sup> Yathi, “Qhabo, qhabo, qhabo, qhabo. Okanye nani, amaJuda, usazohlupheka kancanyana, okwamanje. Bazofanele babulawelwe ukhohlo njengoba nabulawelwa ukhohlo. Isilo sizofanele sibathole uma sephula isivumelwano saso.”

<sup>302</sup> Manje qaphelani. Futhi manje qaphelani, uma kuke... Manje khumbulani nje, lababaprofethi bazoprofetha ngokweSambulo 11. Nina, niphakamise izandla zenu, nikufundile. Niyabo? Futhi banikwa amandla.

<sup>303</sup> Futhi sizothola ukuthi bangobani, emzuzwini nje, iNkosi ithanda. Manje qaphelani ukuthi lababaprofethi bangobani. Futhi manje iBhayibheli liyakusho lapha. Impela, Uyakusho. Impela! Niyabo?

<sup>304</sup> Manje, qaphelani, phakathi kwalokhu, amasonto amathathu nengxenye manje, abawaprofethayo phansi lapha ne-neSambulo lapha sathi... Futhi ba—baprofetha izinsuku eziyinkulungwane namakhulu amathathu namashumi ayisithupha. Uma...



305 Manje, ikhalenda yamaJuda eqondile, isikhathi esiqondile sekhalenda kaNkulunkulu, iyizinsuku ezingamashumi amathathu ncamashi enyangeni. Ikhalenda yamaRoma, eyakuxubanisayo. Ikhalenda eqondile iyizinsuku ezingamashumi amathathu enyangeni.

306 Manje, uma ufuna ukuthatha izinsuku ezingamashumi amathathu, bese uhlanganisa iminyaka emithathu nengxenyekulo, bese ubona izinsuku ezingamashumi amathathu, futhi, awu, unani na? Inkulungwane namakhulu amathathu na... noma izinsuku ezingamakhulu amabili namashumi ayisithupha. “Izinsuku eziyinkulungwane namakhulu amabili namashumi ayisithupha (izinsuku ezingamashumi ayisithupha),” ncamashi iminyaka emithathu nengxenyekulo.

307 Manje, niyabo, akukho-phutha kulokho. Nakho, kufitha ndawonye nje ngenge—sisila sejuba sihlalanga ndawonye. Qaphelani, lababaprofethi ababili bashumayela iminyaka emithathu nengxenyekulo, kumaJuda. Kulokho, libizelwa ngaphandle, izinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane.

308 Bese kuthi-ke, qaphelani, lababaprofethi ababili banguMose noElija ncamashi. Niyabo? Niyabo? Manje bukani, bukani, okwabo... Bukani inkonzo yabo. Manje bhokisisani ukuthi lababaprofethi benzani. “Banamandla ukushaya umhlaba ngohlupho, noma kungaba-kangaki ngokuthanda kwabo.” Ubani owakwenzayo na? UMose. “Banamandla ukuvala amazulu, futhi lingani ngezinsuku zenkonzo yabo.” Ubani owavala amazulu iminyaka emithathu nengxenyekulo na? [Ibandla lithi, “UElija.”—Umhl.] Nampo. Yilabo. Niyabo, ku. . .

309 Niyabo, umuntu, uma efa, akasishintshi isikhundla sakhe. Akakushintshi ukwakheka kwakhe, niyabo. Bukani, ngenkathi—ngenkathi, ngaphambi. . .

310 Ngenkathi uSawulu ehlabukile, futhi kwakungekho-baprofethi ezweni, akakwazanga ukuqonda ukuthi ufanele enzenjani—ufanele enzenjani. Wayemelene nakho. Wayeya empini. Waya kumthakathikazi wase-Endori.

311 Manje, igazi lezinkunzi nje nelezimbuzi, wayengenza lokhu. Futhi wabiza umoya kaSamuweli wenyuke.

312 Futhi ngenkathi uSamuweli enyuka, nango emile, embethe ingubo yakhe ende yomprofethi. Akusikho lokho kuphela, kodwa wayesalokhu engumprofethi. Wathi, “Ungibizeleni ngisekuphumuleni kwami,” niyabo, wathi, “lokhu usuyisitha kuNkulunkulu na?” Wathi, “Ngalesisikhathi, kusasa ebusuku, uzowa empini. Futhi lesisikhathi, kusasa ebusuku, uzakuba nami.” Futhi yilokho impela okwenzekayo. Niyabo? Akusikho kuphela. . . Wayesalokhu engumprofethi. Niyabo?

313 Nalababafo basalokhu bengabaprofethi. Manje sizothi ukujula kancane kulokho, emizuzwini embalwa nje, iNkosi ithanda. Niyabo?

314 O, he, ngilithanda kakhulu leloZwi! Akumangalisi, “Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso. Onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu!”

315 Lababaprofethi ababili banguMose noElija, ngokwemisebenzi yabo iphinde yafanekiswa futhi. Lokho, lokho bekuhlala njalo kuyinkonzo yabo. Manje qaphelani, njengoba benza nje. Lokho akubashintshanga. Khumbulani, lababafo abazange bafe. Bhekisisani umzuzu nje.

316 Manje, ningadidanisi, ngaphambi kokuba sisuke kulokhu. Ningayididanisi inkonzo kaElija yangokwesihlanu nenkonzo yakhe yangokwesine. Kade nginitshela, iBandla labeZizwe libheke uElija. Kunjalo.

317 Futhi nangu ngapha neJuda. Khumbulani, akakwazi ukufika kane; leyo yi—leyo yinombolo yesitha. Uzofanele abe yisihlanu.

318 Okokuqala uyafika, wayenguElija, yena uqobo. Isikhathi esilandelayo uyafika, wayenguElisha. Isikhathi esilandelayo uyafika, wayengu (yini?) Johane umBhaphathizi. Isikhathi esilandelayo uyafika, ungowengelosi yesikhombisa. Futhi nesikhathi sesihlanu uyafika, ukanye noMose ngaleya, eshumayela kubo. Impela. Yebo, mnumzane. Ungamdidanisi. Ehhe.

319 Isihlanu, uma uzazi izibalo zakho—zakho zeBhayibheli, isihlanu yinombolo yomusa wokusebenza. Futhi yilokho Akwenzile. Manje, bhekisisani, nifuna ukwazi ukuthi kukuphi. Ngabe uJesu wayengukusebenza komusa na? U-J-e-s-u, isihlanu, s-e-b-e-n-z-a. Kunjalo na? Sebenza, ngenxa—ngenxa yothando ngawe. Futhi uma ufinyelela kuYe, uza kanjani, ngani na? Uku k-h-o-l-w-a eku s-e-b-e-n-z-e-n-i. Kunjalo na? Ukusebenza kuyinombolo yomusa, kulungile, emakholweni.

320 Qaphelani, uElija wokuqala, lowo kwakunguye. Owesibili kwakunguElisha. Owesithathu kwakunguJohane. Owesine kwakuyingelosi yesikhombisa, noma isithunywa sokugcina kulo iBandla, ngokumaMalaki 4 neSambulo 10:7. Manje, okwesihlanu, uyisithunywa kumaJuda, ezinkulungwaneni eziyikhulu namashumi amane-nane, kumaJuda, emva kokuba iBandla selihambile.

321 Ngi—ngi—ngizwa ukuxaka okuncane nje, niyabo. Niyabo? Bukani, uma abanye ecabanga. . . ngifuna nithole lokhu manje, niyabo. Uma abanye esalokhu ecabanga ukuthi uMalaki 4, “ukubuyisela” abantu, kuyinto efanayo azoyenza ezansi lapho kumaJuda, futhi nicabanga ukuthi konke kuyafana, ake nginiqondisele khona nje, umzuzu nje. Niyabo, kuzothi ukudidana kancanyana. Isizathu, khumbulani, kuMalaki 4,

kuthi, “Abuyisele ukuKholwa kwawobaba . . . noma abantwana babuyele kubaba.” Niyabo, babuyele kubaba!

322 Manje ake ngenikhombise umehluko wenkonzo. Uma efikela ukuzobuyisa ukuKholwa kwabantwana babuyele kobaba, wayezophika uKristu. Wayezobuyela emthethweni. Kunjalo na? Obaba babegcina umthetho. Niyakuthola na? [Ibandla lithi, “Amen”—Umhl.]

323 Qaphelani, ngenkathi uElisha, ngenkathi efikela ukugcwalisa inkonzo yakhe kuMalaki 4, niyabo, njengoMalaki 4, uElija wayeyedwa.

324 Kodwa ngenkathi efikela ukuzokhonza kumaJuda, eSambulo 11, unoMose kanye naye. [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kabili—Umhl.] Ngakho, akukho-kudideka, akukho nokuncu. Niyabo? Niyakuthola na? [Ibandla lithi, “Amen.”]

325 Ngenkathi kufika uElisha, kaMalaki 4, uyedwa. UElija uyogijima; hhayi uElija noMose. “UElija” uyovuka. Kodwa ukuphefumulelwa okufanayo, ukuthi, kwathi uElija uyofikela ingxenye yokugcina yonyaka webandla, “ukubuyisela ukuKholwa kwabantwana kubuyele ekuKholweni kwasekuqaleni kobaba,” ukuKholwa kwabaphostoli, enifanele nibuyele emuva. Nomphefikristu unabo bonke bedonselwe ngaphandle. “Ukubuyisela emuva,” njengoba yonke eminye imiBhalo uhlangane thaqa ndawonye. Niyabo, uzizela yena. Niyabo?

326 Kodwa uma efika eBandleni, iBhayibheli . . . noma efika ezinkulungwaneni eziyikhulu namashumi amane-nane, iBhayibheli likubeka ngokucacile ukuthi bobabili u . . . Babili, hhayi omunye wabo. Bobabili! Futhi inkonzo yakhe yokuqala ayikwazanga ukuthatha amaJuda bese iwabuyisela emthethweni, uba yi . . . ngoba uyafika, eshumayela uKristu ezinkulungwaneni eziyikhulu namashumi amane-nane, amen, “Nango, lowoMesiya owanqunywayo.” Amen! Yilokho-ke, ngakho ungakudidanisi. Akusikho ukudideka. UmBhalo awuwaqambi amanga, akukho namancinyane.

327 Udumo! O, ngenkathi ngibona lokho, ngangigxuma ngiya phezulu! Ngathi, “NgiyaKubonga, Nkosi,” ngenkathi ngangikubhekisisa kwenzeka phandle lapho. Ngambona lowoElija ephuma lapho okwalowonyaka wokuqala, eyedwa, futhi wayeyedwa. Kwasekuthi ngenkathi ngimbona efika futhi, le phezulu kwenye indawo, babebabili lapho ngenkathi lokho kwenzeka. Wathi, “Nakho. Lokho, okukwenzayo, Nkosi. Amen! Sengiyakubona manje! Haleluya!” Kunjalo impela.

328 Ukuba ngangingakuphathanga, bekuyoba ngukudideka okuncane komunye umuntu. Kodwa Wa—Wangitshela ukuba ngikuphathe, ngakho ngakwenza.

329 Qaphelani, lamadoda agcinwa ephilile nguNkulunkulu, kusukela enkonzweni yawo yasekuqaleni, okwenkonzo yesikhathi esizayo; bayikhonza kahle kakhulu. Niyabo? Cabangani nje, lowomoya kaElija ukhonzisa kahlanu; uMose, owesibili. Ini? Ugcina ephilile phambidlana, okwenkonzo eqhubekayo.

330 Kwakungasekho namunye wabo ofile manje; ningakukholwa lokho. Bobabili babonwa, bephila, bekhuluma noJesu eNtabeni yokuPhenduka esinye isimo. Kodwa, khumbulani, bafanele bafe.

331 Manje, manje, uMose empeleni wafa. Kodwa wavuka, ngoba wayengumfanekiso ophelele kaKristu. Niyabo? Akukho muntu owake wazi ukuthi wembelwa kuphi. IziNgelosi ziyafika zamthatha. Niyabo? Waba nabathwali bebhokisi lesidumbu abayiziNgelosi. Ehhe. Ngani? Akukho muntu ofayo owayengamthwala lapho ayeya khona. Wedlula nje esenzweni, yilokho kuphela. Waba neziNgelosi, abathwali bebhokisi lesidumbu, niyabo, ngoba Zamthatha zamyisa lapho ayefanele abekhona. Akekho owaziyo.

332 Ngisho nakuSathane, wayengazi ngisho. Waphikisana neNgelosi enkulu. Kunjalo. Akaqondanga ukuthi kwenzekani kuMose. “Ngimbone ethuthumela laphaya. Futhi ebuka ngaphandle phezu kwezwe, futhi ebuka emva kubantwana, kanjalonjalo, ngimbonile ethuthumela. Kodwa wakhwela phezu kweDwala, naleso kwaba yisikhathi sokugcina engambona ngaso.”

333 Yilelo Dwala! Yilelo Dwala! Mangime kuleloDwala, ekupheleni kwendlela yami! Yebo, mnumzane! Manje, i... Abazalwane bami abangamakhaladi babevame ukukhuphukela lapha bese becula iculo elincane, “Uma nganginokukwenza, impela ngangiyoma kuleloDwala uMose ama kulo.” Yebo, mnumzane! O, yileloDwala engifuna ukuma kulo, nami. Ngokukholwa ngima lapho.

334 Kodwa khumbulani, uElija, wavele wakhathala nje, ngoba wayenenqwaba yomsebenzi omhlalele. [UMfowethu Branham uthi ukuthula kancane. Ibandla liyahleka—Umhl.] Ngakho wayesekhandleke ngempela, futhi uNkulunkulu wavele wamthumelela ukuba agibele aye eKhaya, kunjalo, wathumela inqola yempi. Kunjalo na? [“Amen.”] Wamyisa phezulu. Akazange afe, ngoba Wamgcina ephilile. Wayenomsebenzi wesikhathi esizayo wakhe. Wamvumela agcobe indoda, futhi, niyabo, iphuma iseMoyeni wakhe.

335 Kodwa bafanele bakuzwe ukufa. Manje iSambulo, isahluko 11. Manje, asihambe, ngikhona lapha empeleni. Asikushaye nje, iSambulo 11. Bhekisisani futhi nibone ukuthi ababulawa yini bobabili. Yebo, mnumzane. Bobabili bazofanele bezwe ukufa.

Yebo, mnumzane. Emva kokuba inkonzo yabo isiphelile, bezwa ukufa. ISambulo 11, futhi asiqale kwele 7.

*Futhi kuthi...sebebuqedile ubufakazi babo, isilo esiphuma kwalasha...silwa nabo,...*

336 O, he, ngeke akumela; labobagingqiki abangcwele sebebuyile futhi, niyabo. Kulungile. Kulungile.

*...esiphuma kwalasha...silwa nabo, futhi siyakubanqoba, futhi sibabulale.*

337 Kodwa bhekisisani ukuthi kwenzekani. Bafanekiswa ngokuphelele manje.

*Nezidumbu zabo ziyakusala esitaladini—esitaladini salowo muzi omkhulu, ...ngokomoya...thiwa iSodoma neGibhithe, lapho neNkosi yethu yabethelwa khona, (iJerusalema, niyabo).*

338 Manje bazofanele bezwe ukufa, (abafanele na?) kunjalo, emva kokuba inkonzo yabo isiphelile.

339 Ngani? Inkonzo yengelosi yesikhombisa, inkonzo yengelosi yesikhombisa, inkonzo kaElija engilosini yesikhombisa, hhayi...Kungani inga, kungani ingabanga, njalo, ngizama ukuba ngithi, inkonzo yengelosi yesikhombisa ngalesosikhathi ibengoMose, uma engongenakufa, ngokufanayo okwakungaba ngoElija na? Kungani benga...Kungani uNkulunkulu engavelanga nje wathuma, wathi, “Elija, u—ususebenze kanzima kakhulu, Ngi...nayo yonke into, zonke lezizindawo ezehlukeneyo. Ngi—Ngikholwa ukuthi Ngizovele nje ngithume uMose phansi?” Ngani?

340 Bukani inkonzo kaMose. UElija wayengumprofethi ezizweni zonke; kodwa uMose wayengumnikezeli mthetho kumaJuda kuphela. Amen. UMose ulapho ukuba athi... Isizathu sokuba afike noElija...LawomaJuda ethi, “Linda, sisalokhu sigcina umthetho lapha.” Kodwa nakhu kumi uMose qobo lwakhe; futhi nangu uElija emi naye. O! Niyabo? Uza kumaJuda kuphela. Niyabo? UMose kuphela waya eJuden; umprofethi uElija wayesezizweni zonke. Kodwa uMose uba ngumprofethi kumaJuda, nomnikezeli mthetho. Niyabo? Lowo kwakungumlayezo wakhe, umthetho.

341 Kodwa wawuyini umlayezo kaElija na? Kwabesifazane abaphungule izinwele; amahlelo. Yebo, mnumzane. Futhi ngempela wabadabula baba yizicucu. Ubuso obupendiwe; wabatshela, “Nizonikelwa izinja.” Ngempela nje wadabula kubo.

342 Bese kuthi—ke nxa uMoya wakhe ufika phezu kukaJohane, waphuma ngqo egqishazela ehlane futhi wenze into efanayo. Kunjalo. Wathi, “Ningacabangi ukuthi singaba *lokhu* noma *lokho*. UNkulunkulu angamvusela uAbrahama abantwana kulawamatshe.”

343 Wenjukela kuHerodiya, wathi, “Futhi uqonde ukungitshela ukuthi ugane umfowabo womeni wakho uqobo...?” Wathi, “Akuvunyelwe ukuba wena ukwenze!” O, mfowethu! Whewu! Mm! Wamtshela. Impela.

344 Qaphelani, lemiphefumulo izolinda isikhashana, yenzelwe ikhulu namashumi amane nane... ukuba babulawe ukholo. O, lokho akunjalo na, aku... Lokho nje kuhlanganisa iBhayibheli ndawonye.

345 Manje isikhathi sami sesishayile ngqo, uma ngiphuma kuse eli. Kodwa nje ngisenezinye izinto ezincane ukuba ngizisho, uma ningakumela. [Ibandla lithi, “Qhubeka!”—Umhl.] Ngiyazi kuyashisa. Futhi ngiyajuluka.

346 Kodwa, lalalani, nginokuthize ukuba nginitshela khona. Kuhle kakhulu nje, kuyavutha nje enhliziyweni yami ngqo. Ngithemba anikakukhohlwa, niyabo. Mangisho lokhu, ebukhoneni baKhe. Ngomusa waKhe, Wangivumela futhi ngibone abantu bami, kungekudala, bembethe izingubo ezinde ezimhlophe. Niyakukhumbula na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyakhumbula na? Niyayikhumbula indaba, kungekudala na? [“Amen.”] UMlobokazi wabeZizwe, balapho manje. Bonke babembethe izingubo ezinde ezimhlophe.

347 Ngase ngiphapheme. Ngangikade ngisemhlanganweni. Cishe sekwedlule unyaka, ngaphezudlwana. Ngaphaphama ngokunye ukusa, ngase ngivuka. Ngase ngithi, “S’thandwa?” kumkami. Akanyakazanga. Abantwanyana cishe... Ngangifanele ngivuke bese ngibayisa esikoleni, khona enhla lapha endaweni endala. Awu, nga—ngavuka embhedeni, niyazi, ngase ngeyama. Niyazi ukuthi kanjani; uhlale ngezinqe bese nje uqhiyama ngekhandla lakho kwihedbhodi. Sasinomunye wemibhede eyifeshini endala. Futhi ngakho ngavele ngaqhiyama *kanjalo*.

348 Ngase ngicabanga, “Mfana, usuvele unamashumi amahlanu nantathu. Uma kukhona ozokwenzela uNkulunkulu, kungcono ukwenze, ngoba uzoguga kakhulu—kakhulu, emva kwesikhashana.” Niyabo.

349 Ngase ngicabanga, “Uyazi, kunjalo, manje.” Ngacabanga, “Mfana, uyazi, angisaqhelile kakhulu. Ngizofanele ngihambe masinya impela.” Ngathi, “Lokho ngu—ngubudala ngonyaka kunoma ubabayi wami ayiphila.” Niyabo? Ngacabanga, “Ngizofanele ngiqhele masinya impela. Ngakubona. Futhi, lapha, angikamenzeli lutho uNkulunkulu, namanje.” Ngacabanga, “Ngangifuna njalo ukuMenzela into ethize.” Ngacabanga, “Ngifanele ngisheshise futhi ngikwenze, uma ngizokwenza. Futhi angazi ukuthi ngizokwenza kanjani, yilokho kuphela.”

350 Ngacabanga, “Ndoda, ngithemba ukuphila ukuba ngiMbone efika. Angifuni ukuba yisipokwe, noma umoya.”

351 Niyabo, ngangihlala njalo ngiwesaba umoya. Futhi manje, niyazi, lolohlobo lwe...ngangihlala njalo ngicabanga, ngokungathi uma ngangizohlangana noMfowethu uNeville futhi abe yifu elincane elimhlophe lihamba hamba, niyazi. Futhi ngithi, “Halo, Mfowethu Neville.” Futhi athi, “Halo, Mfowethu Branham,” ngomunye umuzwa othize; angakhulumi. Kodwa ngivele ngazi nje ukuthi bekunguMfowethu uNeville. Ya. Bengiyofuna ukumxhawula njengoba ngenza njalo. Isizathu, yilokho kuphela engikwaziyo, yizidalwa ezingabantu. Niyabo, bengiyofuna ukumxhawula, kodwa akanasandla. Siphansi lapho ethuneni, sesibole saphela. Niyabo?

352 Ngacabanga, “He, ngithemba ukuthi angizukudingeka ngedlule kulokho.” Manje, ngangi...Manje ngizonitshela iqiniso. Nga—ngangesaba ukufa; ngingesabi khona ukuthi ngizolahlwa, kodwa ngangingafuni ukuba ngumoya. Ngangifuna ukuhlala ngingumuntu. Ngangifuna ukulindela uHlwitho, niyabo. Ngangifuna ukuhlala kanjalo nje. Ngangingafuni ukuba ngumoya, ngihamba ngijikeleza. Ngangicambalele lapho, ngicabanga lokho.

353 Futhi, khona manjalo, kwabakhona into eyenzeka. [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe kanye—Umhl.]

354 Manje, niyazi, futhi nonke niyejwayele, imibono. Futhi uma lona kwakungumbono, ngangingakaze ngibe nowodwa onjengawo, niyabo. Futhi ngaba nayo kusukela ngisengumfana omncinyane.

355 Futhi, khona manjalo, kwenzeka into ethize. Futhi ngazizwa ngisuka. Ngacabanga, “A-o.” Ngase ngi—ngicabanga, “Sengi—sengivele ngifile, niyabo, futhi sengi—sengishonile.” Niyabo?

356 Futhi ngafika endaweni, ngase ngicabanga, “Ngikholwa ukuthi ngizobuka emuva.” Kwakunjengokwangempela nje, bangani, njengoba ngimi khona lapha. Niyabo? Ngase ngijika, ukuba ngibuke emuva. Futhi ngangilapho, ngicambalele embhedeni. Futhi ngenatshiswa, ngicambalele eceleni komkami.

357 Ngacabanga, “Awu, mhlampe kube wukuhlaselwa yinhliziyi.” Niyabo? Ngacabanga, “Awu, niyabo, ngifele lapha masinyane nje,” okwakungaba yindlela enhle yokumuka. Ngakho, ngacabanga, “Lokho ngukuhlaselwa yinhliziyi. Angidingekanga ukuba ngizwe ubuhlungu.” Ngabuka, ngase ngicabanga, “Awu, manje, lokho kuyaxaka. Ngicambalele lapho, khona lapho; futhi nakhu ngimi lapha, lapha.”

358 Ngakho, ngaphenduka. Kwakubukeka njengelikhulukazi—njengedlelo elikhulukazi, okufana nalo, noma okuthize, ukwendleleka okukhulu nje kwedlelo lotshani obul’hlaza-sibhakabhaka. Futhi—futhi ngathi, “Awu, angazi ukuthi ngabe yini le?”

359 Futhi, khona manjalo, lapho ngibuka, nakhu kuza izinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane zabesifazane abasebasha, bonke bembethe izingubo ezinde ezimhlophe, izinwele zehle zaze zayoshaya okhalweni lwabo, bengafake sicathulo, futhi babegijima beqonde ngqo ngakimi. Ngacabanga, “Manje yini le?”

360 Ngajika, ngabuka emuva *lapho*, futhi ngangilapho; ngase ngibheka phezulu *ngapha*, nampo beza. Ngaziluma umunwe wami. “A—a—a—angilele, impela.” Kodwa, ngangikwazi ukuzwa. Ngase ngithi, “Awu, manje-ke, into ethize lapha, exakile.”

361 Futhi laba besifazane bonke beza, begijima. Futhi angikaze ngibabone abesifazane abahle kanje! Futhi bonke bayeza, begijima benyukela kimi. Futhi ngenkathi begijimela kimi . . .

362 Niyazi ukuthi bengikanjani, uhlobo lokuthi . . . Bangibiza ngozonda abesifazane, kodwa angisuye, niyabo. Kodwa, ngi—ngiyacabanga nje, owesifazane olungileyo ngomunye we . . . uyigugu. Kodwa, ngiyacabanga, lo ongalungile, unga, njengoba uSolomoni esho, “ngamanzi egazini lakho.” Ngakho ngempela anginamsebenzi ngo—ngowesifazane onegama elibi noma abatshengisa ukuhlakanipha.

363 Futhi ngakho laba abesifazane bonke bayeza. Baqala ukungigaxa. Manje, lokho akwejwayelekile. Niyazi ngingekumele lokho. Ngakho, futhi babe . . . Manje, ngizokusho lokhu ngendlela, ukuthi, ngi—ngiyisixuku esixubile. Kodwa, babe, babengabesifazane. Babengowesifazane. Futhi ba—bangigona, ngamunye, futhi bathi, “Mfowethu—wethu othandeka kakhulu!” Nomunye wayengigona, bese-ke ngigonwa ngomunye.

364 Ngangimi lapho, ngibuka. Ngacabanga, “Awu, manje, yini le?” Niyabo? Futhi babemi lapho. Ngacabanga, “Kwenzenjani?” Ngabuka emuva phansi. Ngangilaphaya, ngicambalele khona *lapho*; futhi ngangilapha, ngimi *lapha*. Ngacabanga, “Manje, lokho kuyinqaba. A—angikuqondi.”

365 Nalabobesifazane bempopolozu, “O, mfowethu othandeka kakhulu,” futhi bengigona. Manje, babengakho konke nokuncu, ekuzweni, abesifazane.

366 Manje ngithetheleleni, bodadewethu, njengoba ngisho lokhu, ngoba . . . Kodwa niyamlalela udokotela wenu; futhi uma singenayo imiqondo ehlanzekile, khona-ke asisiwo amaKristu. Angikhathali . . .

367 Bengihlala njalo ngihlala ngokuhlanzeka. UNkulunkulu uyakwazi lokho. Ngenkathi ngisengumfanyana, iNgelosi yeNkosi yangitshela ukuba ngingawungcolisi umzimba wami, ngibheme, noma ngiphuze. Nalokho bekuyiqiniso. Ngomusa kaNkulunkulu, ngikugcinile lokho. Ngenkathi ngiseyisoni, ngangingahambi ngijikeleze nabesifazane. Futhi ngakho . . .



368 Kodwa noma yimuphi owesilisa ovumela owesifazane amgone ezingalweni zakhe, yena enziwe ngezicubu zowesilisa, naye eyisifazane, kunokuvuka komuzwa. Angikhathali ukuthi ungubani, manje, ungangitsheli ukuthi awunjalo, uma ungumuntu onempilo.

369 Kodwa, hhayi Laphaya; ngoba awunazo, nhlobo, izicubu ezechukile. Awusoze wona Laphaya. Kwakunoshintsho. Kwakungasekho okungaphezu kokuba nothando lobuzalwane nje kulabo besifazane.

370 Nakuba, emseni ababebukeka bekuwo; ngiyacabanga, o—owesifazane, owesifazane okahle ozibamba kahle, futhi ahambe njengenekazi, uyi—uyisibonelo segugu emhlabeni. Ngi—ngithanda noma yini enomusa. Ngicabanga ukuthi, o—owesifazane obamba indawo yakhe, futhi azame ukuba yinenekazi, uyi—uyisimo sokuhlonishwa. Ngiyakukholwa lokho. Futhi ngiyacabanga, lowo ongesiso, kufana nje no—noKristu nomphikikristu, into efanayo.

371 Ngi—ngithanda noma yini engeyemvelo. Njengehashi elihle, kumbe noma yini, lima nje esimweni salo sehhashi elihle ngempela. Kumbe, noma yini enjalo, intaba enhle, abesifazane abahle, abesilisa abahle, noma yini ema ekwenzeni kukaNkulunkulu, ngangikwazisa njalo.

372 Nalaba babephelele. Kodwa akunandaba ukuthi babengigona kangakanani ezingalweni zabo, futhi babengabesifazane, niyaqonda, kodwa kwakungeke kubebikho sono neze. Izindlala zesilisa nezindlala zesifazane, kokubili, kwakungasekho. [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kanye—Umhl.] Ayibongwe iNkosi! Babengodadewethu, ngokuphelele.

373 Ngabuka. Futhi ngiqala...nga—ngabuka izandla zami; ngabona bonke babebasha kakhulu. Ngase ngibuka; ngangimusha, nami. Futhi ngi...

374 Futhi ukulahlekelwa izinwele zami, njengenziswa; ebeka isimuncu sokubulala imbewu yokufa kuzo, kwenziwa ngumgundi, futhi kwazikhipha zonke ngenkathi ngangisengumfana nje. Futhi bekuhlala njalo kuwuhlobo lwe—lwento kimi, ukuthi ngi—ngi—ngithola umkhuhlane masinya kakhulu, ngenxa yokuthi isikhumba sami sekhanda sisalokhu sithambile, niyazi. Nezimpande zezinwele kuselokhu kulapho, kodwa sashiswa yisimuncu sokubulala imbewu yokufa, nezinwele azisoze zamila, niyabo.

375 Futhi ngahamba, umkami, ngenkathi ngi...eminyakeni emide edlule, futhi wangithengela isigqokwana esiyizinwele ukuba ngisifake, isiqeshana sezinwele, ngisifake, ngimboze ikhanda lami phezulu. Kodwa ngangihlala njalo nginamahloni okusifaka, ngoba sasibukeka sifana nento engamanga. Futhi ngangingafuni lutho olungamanga.

376 Futhi ngakho ngacabanga, “Ngizovele nje ngizifakele ikepisi lesokisi elide.” Manje-ke, ngakwenza, isikhashana. Niyazi ukuthi benzani na? Babefuna ukungibiza ngo “mbhisobhi” ngaleyonkathi, bathi ngangifuna ukuba yi. . .Niyabo? Ngathi nje, “Makahambe.”

377 Ngakho nje ngiphathwa umkhuhlane omubi, futhi ku. . . Kodwa, manje, uvula lawomawindi nje, noma yini, lowomoya omncane uza unqamula kanjalo ngqo, mfana, ngawuthola.

378 Futhi ngaya kudokotela ngase ngimbuza, ukuthi wayecabangani. Wathi, “Awu, uyabo, izimbotshana zakho—zakho zomjuluko zivulekile. Uyajuluka, ekushumayeleni. Lowomoya ufike. U—ufaka igciwane lomkhuhlane phezulu lapha emafinyileni, bese kugijima kwehla ngomphimbo wakho. Ngokusa okulandelayo usushe izwi. Yilokho-ke.”

379 Futhi—futhi ngakho, o, he, nina bafo onezinwele, anazi ukuthi nifanele nibe ngababonga kanjani, nangokuba nazo. Kunjalo. Niyabo?

380 Awu, manje, ngathola, ke, ukuthi ngi—ngizo. . .Ngolunye lwalezizinsuku, uma ngingawatholi amazinyo ami, ngizodingeka ngibe nawo amanye awo, futhi, ngakho, noma kungenjalo ngihlale ngingenawo.

381 Ngakho uma umfo—uma umfo. . .Awu, ngingecabange ukuthi bekungaba yini endodeni, uma ibifuna ukukwenza, ukufaka isigqokwana esiyizinwele, kunoma bekungaba ngowesifazane ukufaka elinye lalamagundwane noma amabuzi, noma ngabe yini abayifaka ezinweleni zabo kanjalo, ukuzenza zime. Niyabo? Kodwa—kodwa, kusobala, uma nikwenza, kuya ngokuthi nikwenzela ini. Niyabo? Kuya ngokuthi nikwenzela ini. Futhi ngakho. . .

382 Kodwa, nokho, ngimi lapho, ngezwa phezulu, futhi ngase nginezinwele zami futhi. He! Ngangimusha. Nalaba, bonke laba, bebasha! Ngase ngicabanga, “Awu, lokhu akusiso isimanga na! Nampa.” Futhi bonke babegijima. . .

383 Ngase ngibuka, beza, ngase ngi—ngibona uHope eza. Wayebukeka. . .Niyazi, wafa enamashumi amabili-nambili. Wayesalokhu nje emuhle njengoba wayelokhu enjalo. Abaningi benu bayamkhumbula; lawomehlo amakhulu ansundu. WayeyiJalimane. Izinwele zakhe ezimnyama zehle ngomhlane wakhe. Ngacabanga, “Manje, uma efika lapha, uzothi—uzothi, ‘Bill.’ Ngiyazi uzosho. Ngiyazi uzothi, ‘Bill,’ uma efika lapha.”

384 Ngangibhekisisa. Futhi bonke balaba besifazane beza futhi bangigona, bethi, “O, mfowethu othandeka kakhulu, siyajabula kakhulu ukukubona!” Ngacabanga. . .Bonke nje begqoke ngokufanayo, kodwa babenezinwele zabo zehlukile, niyazi, izinwele ezibomvu, nezinwele ezimnyama, nezinwele ezimhloshana. Futhi—futhi babedlula, kodwa bonke babebasha.

385 Futhi esefika kimi, ngacabanga, “Ngizobona nje ukuthi uthini.”

386 Wayesengibuka phezulu, wayesethi, “O, mfowethu othandeka kakhulu!” Wangigona, futhi wavele waqhubekele phambili nje. Abanye owesifazane uyeza, wangigona, olandelayo.

387 Ngase ngizwa umsindo. Futhi ngabuka phezulu *ngapha*, futhi nakhu kuza isigejane samadoda, abafu abasha, bonke beseminyakeni ethi ayibe ngamashumi amabili. Babenezinwele ezinsundu, nezinwele ezimhloshana. Futhi bonke babembethe izingubo ezinde ezimhlophe, bengafake sicathulo. Futhi bagijimela kimi futhi baqala ukungigona, bempompoloza, “Mfowethu othandeka kakhulu!”

388 Ngacabanga. Ngase ngijika ngibheka emuva, futhi ngangilapho, ngisalokhu ngicambalele lapho. Ngase ngicabanga, “Awu, manje, lesi yisimanga.”

389 Kwase kuthi nje ngaleyonkathi iPhimbo layokhuluma nami. Angizange ngilibone iPhimbo. Lathi, “Ubuthiwe, u—ubuthelwe kubantu bakho.” Kwase kuthi-ke enye indoda yangithatha yangiqukula, yangihlalisa phezulu le, entweni enkulu ephakeme *kanje*.

Ngathi, “Ukwenzeleni lokho na?”

Yathi, “Emhlabeni wawungumholi.”

Ngase ngithi, “Awu, angi—angikuqondi lokhu.”

390 NaleloPhimbo likhuluma nami. Angizange ngikwazi ukubona iPhimbo. Manje, Lalingaphezu kwami nje, likhuluma nami.

391 Ngathi, “Awu, uma se—uma sengedlule, ngifuna ukubona uJesu.” Ngathi, “Ngi... Wayekakhulu... Wayeyikho konke ukuphila kwami. Ngifuna ukuMbona.”

Futhi ngakho Lathi, “Awukwazi ukuMbona manje. Usalokhu engaphezulu kakhulu.”

392 Niyabo, kwakungaphansi kwealtare, namanje, niyabo, indawo yesithupha, lapho abantu beya khona, niyabo; hhayi eyesikhombisa, lapho uNkulunkulu ekhona, ezingeni lendawo yesikhombisa. Eyesithupha!

393 Futhi babe—futhi bonke babelapho, futhi babedlula. Ngase ngithi... Kwakubukeka sengathi empeleni babeyizigidi zabo. Angikaze ngibabone... Futhi, ngenkathi ngihlezi lapho, laba besifazane nabesilisa besalokhu begijima bedlula futhi bengigona, bengibiza ngo “mfowethu.” Ngase ngihlala lapho.

394 Kwase kuthi-ke leloPhimbo lathi, “Ubuthelwe kubantu bakho, njengoJakobe wabuthelwa kubantu bakhe.”

Ngathi, “Bonke laba, abantu bami na? Ngabe bonke laba bangoBranham na?”

Lathi, “Qhabo. Bangabaphendulwa nguwe baya kuKristu.”

<sup>395</sup> Ngaqalaza. Futhi kwakukhona owesifazane omuhle ngempela owagijima wenyuka. Wayebukeka ethi akafane nje. Wangigaxa, wayesethi, “O, mfowethu othandeka kakhulu!” Wangibuka.

<sup>396</sup> Ngacabanga, “He! Wayebukeka njengeNgelosi.” Wayesedlula.

NaleloPhimbo lathi, “Awumqondanga na?”

Ngathi, “Qhabo, angiqondanga.”

<sup>397</sup> Lathi, “Wamholela kuKristu ngenkathi wayesedlule emashumini ayisishiyagalolunye.” Lathi, “Uyazi ukuthi kungani ecabanga kakhulu kangaka ngawe na?”

Ngathi, “Leyantombazane enhle yayisiyedlule emashumi ayisishiyagalolunye na?”

<sup>398</sup> “Ya.” Lathi, “Akasophinde aguquke manje.” Lathi, “Yingaleso sizathu ethi, ‘Mfowethu othandeka kakhulu.’”

<sup>399</sup> Ngacabanga, “O, he! Futhi ngangesaba lokhu na? Ngani, lababantu bangabangempela.” Bona, babengayindawo. Babengakhathele, ngokuba Laphaya.

Ngase ngithi, “Awu, kungani ngingamboni uJesu na?”

<sup>400</sup> Lathi, “Awu, manje, Uyo—Uyofika ngolunye usuku. Futhi Uyoza kuwe, kuqala, uyobe-ke sewehlulelwa.” Lathi, “Lababantu bangabaphendulwa nguwe obaholile.”

<sup>401</sup> Ngase ngithi, “Uqonde ukuthi, ngokuba ngumholi, ukuthi ngi . . . ukuthi Uyongehlulela na?”

Lathi, “Yebo.”

<sup>402</sup> Ngase ngithi, “Ngabe wonke umholi uzodingeka ehlulelwe kanjalo na?”

Lathi, “Yebo.”

Ngathi, “Kuthiwani ngoPawulu ke?”

Lathi, “Uyodingeka ahlulelwe nabakhe.”

<sup>403</sup> “Awu,” ngathi, “uma iqembu lakhe lingena, kanjalo nelami liyongena, ngoba ngishumayele ncamashi iZwi elifanayo.” Yilokho-ke. Ngathi, “Lapho abhaphathiza khona eGameni likaJesu, ngenza, nami. Ngashumayela . . .”

<sup>404</sup> Nezigidi zamemeza kakhulu, zonke kanyekanye, zathi, “Siphumule kuLokho!”

<sup>405</sup> Ngase ngicabanga, “He! Ukuba kuphela bengikwazi lokhu ngaphambi kokuba ngize lapha, bengiyokwenza abantu beze lapha. Ngeke bakwazi ukukugeja lokhu. Ngani, buka lapha!” Kwase kuthi-ke . . .

406 Laselithi, “Manje, ngolunye usuku Uyofika, bese kuthike. . . Manje, phakathi lapha, asidli, siphuze, noma silale. Sonke simunye nje.”

407 Awu, akusikho ukuphelela; kungaphambili le kokuphelela. Akusikho okuhle hle; kungaphambili le kokuhle hle. Akukho-gama elinga. . . Ungeke wacabanga. . . Akukho-mazwi ehlelweni lamagama asetshenziswayo ekukhulumeni ukulisho. Usufikile nje, yilokho kuphela.

408 Ngase ngicabanga, “Awu, lokhu, lokhu kungaba ngokuphelele. Futhi manje-ke yini esizoyenza elandelayo na?”

409 Lathi, “Manje-ke, uma uJesu efika, futhi si. . . futhi Akwehlulele, noma ngenkonzo yakho, bese-ke sibuyela emhlabeni bese sithatha imizimba.” Awu, a—angikaze ngicabange ngakho ngaleyonkathi. Lowo ngumBhalo impela. Lathi, “Bese-ke sibuyela emhlabeni bese sithatha imizimba, bese-ke sidla. Asidli lapha, kanjalo futhi asilali.” Lathi, “Siyadla phansi lapho, kodwa sibuyela emhlabeni.”

410 Ngacabanga, “He, lokhu akumangalisi yini! O, he! Futhi ngangikwesaba. Kungani ngangesaba ukufa, ukuba ngize kulokhu na? Awu, lokhu ngukuphelela, kuhlanganiswe nokuphelela, kuhlanganiswe nokuphelela. O, lokhu kuyamangalisa!”

411 Niyabo, sasiphansi kwealtare ngqo. Niyabo? Kwakuyilo, niyabo, phansi kwealtare ngqo, silindele ukuFika, niyabo, ukuba Yena ahambe ayolanda labo owayelele e. . . i—imizimba elele othulini, ukuba aphinde asivuse; uyedlula, asivuse.

412 NjengoJesu wedlula eparadisi, wayesenyusa uAbrahama, uIsaka, nabobonke, niyazi, wayelinde ukuvuka kokuqala. Bangana emzini futhi babonakala kwabaningi.

413 KungokomBhalo ngokupheleleyo. Umbono wawuyilokho, kumbe noma ngabe kwakuyini, kwakungokomBhalo ngokupheleleyo.

414 Ngase ngithi, “Awu, lokhu akumangalisi yini!” Ngase-ke ngicabanga, “Lokho aku wonder- . . . ?”

415 Ngezwa into ethize iyiyiza, njengehhashi. Ngase ngibuka. Nehhashi lami eligitshelwayo elincane engangivame ukuligibela, uPrince omncane, ngangicabanga kakhulu ngalo. Nanti lalilapha, limi lapho ngakimi, lase libeka ikhanda lalo phezu kwehlombe lami, ukuba lingisingathe. Njengoba ngangivame ukulipha ushukela, niyazi, futhi labeka elalo. . . ngaligaxa ngengalo. Ngathi, “Prince, bengazi ukuthi uzoba lapha.”

Ngezwa into ethize ikhotha isandla sami. Kwakukhona nansoinja yami endala eyigqalashu.

416 Ngenkathi—ngenkathi uMnu. Short, ezansi lapha, eyidlisa uphoyizeni, ngafunga ukuthi ngiyombulala uMnu. Short ngayo.

Ngangithi angibe neminyaka eyishumi nesithupha ubudala. Wayidlisa uphoyizeni, uyinika inkinobho yenja. Nobabayi wami wangibamba nesibhamu esikhulu, ngehla ngiyomdubula, epholisi-teshi ngqo. Ngase ngithi, “Ngizombulala.” Ngathi, “Awu...” Ngawelela ethuneni lenja. Ngase ngiyitshela, ngathi, “Fritz, ubunjengo mngani kimi. Ungembese izingubo zokugqoka futhi wangithumela esikoleni. Ngenkathi usugugile, ngangizokunakekela. Manje sebekubulele.” Ngathi, “Ngiyakwethembisa, Fritz, ukuthi angeke aphile.” Ngathi, “Ngiyakwethembisa, angeke aphile. Ngizombamba emgwaqeni ngesinye isikhathi, ehamba, khona-ke ngiyogijima phezu kwakhe ngqo, uyabo.” Ngase ngithi, “Ngizomtholela wena.”

<sup>417</sup> Kodwa niyazi ukuthini? Indoda ngayiholela kuKristu, ngayibhaphathiza eGameni likaJesu, futhi ngayingcwaba ekufeni kwayo. Yebo, mnumzane. Ngaphenduka cishe eminyakeni emibili emva kwalokho. Ngibone izinto ngokwehlukile ngaleyonkathi, niyabo. Ngamthanda esikhundleni sokumzonda.

<sup>418</sup> Ngakho manje-ke, kodwa, nokho, nango wayemi lapho uFritz, engikhotha esandleni. Futhi ngangi... ngabuka.

<sup>419</sup> Angikhalanga. Akekho owayekhalala. Konke kwakuyinjabulo. Wawungeke udabuke, ngoba konke kwakuyintokozo. Wawungeke ufe, ngoba konke kwakungukuPhila. Niyabo? Niyabo? Ugenakuguga, ngoba konke kwakungubusha. Futhi yilokho oku... Kuphelele nje. Ngacabanga, “O, lokhu akumangalisi yini!” Nezigidi... O, he! Ngangisekhaya ngqo, niyabo.

<sup>420</sup> Futhi—futhi ngaleyonkathi nje ngezwa iPhimbo. Futhi Lamemeza kakhulu, lathi, “Konke lokho owawulokhu ukuthanda...” umvuzo wenkonzo yami. Angidingi mvuzo. Lathi, “Konke lokhu owawulokhu ukuthanda, nakho konke okwakulokhu kukuthanda, uNkulunkulu ukuphe khona.”

Ngathi, “Ayibongwe iNkosi!”

<sup>421</sup> Ngezwa ngokuxakile. Ngacabanga, “Yini indaba na? Ngizwa ngokuxakile.” Ngase ngijika ngase ngibuka. Futhi embhedeni, umzimba wami wawunyakaza. Ngathi, “O, angidingi ukubuyela emuva, impela. Unga, ungangivumeli ngihambe.”

<sup>422</sup> Kodwa iVangeli lalifanele lishunyayelwe. Emzuzwane nje, ngase ngisembhedeni futhi, niyabo, kanjalo.

<sup>423</sup> Akukho ngaphezu cishe kwezinyanga ezimbili ezedlule, lokho... Nikuzwile kufundwa kwi—kwi *Voice* yeBusiness Men. Kuye emhlabeni wonke, niyabo. Futhi uMfowethu Norman, phakathi lapha, ngithemba ukuthi uphakathi lapha ndawondawo kulobubusuku. Watolikela lapho, wase eyithumela iyizincwajana. Iye ndawo zonke. Nabefundisi babhala, abaningi babo, base bethi... .

424 Eyodwa lapha, ngizovele ngiyisho nje lena impela. Kube namakhulu azo, kusobala. Lona wagijima, wathi, “Mfowethu Branham, umbono wakho kwiyi *Voice* yeBusiness Men . . .”

425 Futhi ngiyamthakasela uTommy Nickels, nakuba engasekanye neBusiness Men, nhlobo. Angazi ukuthi kungani, kodwa akasenabo. Kodwa wakufaka lapho kahle nje, lapho engasho khona. Khona lapho kulelophaphabhuku labakamthathu emunye, wathi, “Lapho engi . . . Lapho uPawulu abhaphathiza khona eGameni likaJesus, wayeseyala abantu ukuba benze okufanayo, ngenze okufanayo.” Niyabo, wakubeka nje ngendlela okwakuyiyo. Niyabo? Futhi ngakho manje-ke nga—nga—ngacabanga, “He!”

426 Lomfundisi owabhala, wathi, “Mfowethu Branham, umbono wakho . . .”

427 Okungukuthi, kwakungaba ngumbono. Wathi . . . Manje, angifuni ukuthi, “ukuthatshathwa.” Uma uPawulu . . . Uma ngahlwithelwa kulelizulu lokuqala futhi ngabona lokho, kuthiwani ke ngoPawulu owahlwithwa waye wayothi ngqu amazulwini esithathu na? Kwakuyini lokho na? Wathi wayenganakukhuluma ngisho ngakho, niyabo, uma ahlwithwa. Uma kwakungukuhlwithwa, angazi. Ngeke ngasho. Ngeke nganitshelela.

428 Kodwa lomfundisi wathi, “Mfowethu Branham, umbono wakho uzwakale ungomBhalo impela futhi ukahle kwaze kwaba lapho usukhuluma ngehhashi lilapho.” Wathi, “Ihhashi eZulwini?” Wathi . . . Manje niyayibona leyondoda yobufundisi, ukuhlakanipha, ingqondo? Niyabo? Wathi, “IZulu lenzelwa izidalwa ezingabantu, hhayi amahhashi.”

429 Awu, ngihlala phansi. UBilly, indodana yami lapha, ufaka izincwadi amaletsha khona lapha eofisi lebandla elidala, cishe ezinyangeni ezintathu noma ezine ezedlule.

430 Ngathi, “Mfowethu othandeka kakhulu, ngiyamangala ngokuhlakanipha kwakho, kodwa, nokwazi kwakho umBhalo. Angishongo ukuthi ngangiseZulwini. Ngathi kwakuyindawo efana neparadesi, ngoba uKristu wayesalokhu engaphezulu, uyabo. Kodwa,” ngathi, “uma kungahle kukwenelise, phenya ngale eSambulweni 19. Futhi nxa uma uJesus eza ephuma amazulwini eZulu, Ugibele ihhashi elimhlophe, nabobonke abangcwele kanye naYe bagibele amahhashi.” Kunjalo. Ngokoqobo. Yebo, impela.

431 Futhi phezulu kuleyoNdawo efanayo, kwakukhona elalifana nokhozi, nelinye elalifana nenkabi, nelinye . . . Awu, he, aphi lawomahhashi afika athatha uElija na? Kuyakhombisa nje, niyabo, umqondo womuntu ufuna into ozobhaca ngayo. Kunjalo.

432 Manje qaphelani. Kodwa bengicabanga nje, njengalo othandeka kakhulu, umfowethu omesabayo uNkulunkulu,

uJohane . . . ngicabange nje ukuthi bekungaba indawo enhle ukujova lokho, ngaphambi nje kokuvala, niyabo. Uma uJohane abuka Laphaya, nabo babengababazalwane bakhe, niyabo, abazalwane bakhe ababezohlupheka kancane; manje-ke, niyabo, iNkosi uNkulunkulu yangivumela ukuba ngibone abazalwane bami nabangwele ababelindele ukuFika kweNkosi. Qaphelani, babengekho phansi kwe altare lomhlatshelo; abami wayengekho. Kodwa, laba wayekhona, babengabafelukholo. Niyabo? Abami wayengekho phansi kwe altare labafelukholo.

<sup>433</sup> Manje ngifuna nilalelisise ngempela. Futhi ngizovala, qiniso, cishe emizuzwini eyishumi, ngeleshumi ngo, uma ngizokunquma nje futhi ngikuqedele kusasa.

<sup>434</sup> Bukani. Bona, babengesikho okwami . . . labo iNkosi eyangibonisa bona, uMlobokazi, Wayengekho phansi kogodo lwabafelukholo, qhabo, ialtare lomhlatshelo wabafelukholo; kodwa wayemukele izingubo ezinde ezimhlophe, ngokuvuma umusa oxolelayo weZwi eliphilayo. UKristu wayebanike ingubo ende emhlophe. Angicabangi, ngokuvulwa . . .

<sup>435</sup> Noma, ngiyacabanga, njalo, ngokuvulwa kwaloluPhawu lesiHlanu, njengoba ngikholwa, ukuthi Luvulelwa thina. Ngikwenze ngonembeza omuhle, ngesambulo esicacile phambi kukaNkulunkulu. Kungesikho ukuzama nje ukukwenza, ngicabange, ngoba ngangiphambene njalo nenhlangano, ngeke ngize ngibe ngowazo. Kodwa Luyavuleka kimi manje.

<sup>436</sup> Futhi ngicabanga enye into. Ngokuvulwa kwaloluPhawu lwesiHlanu, ngalolusuku, luqondisa imfundiso khona lapha, ukuze ngikhulume ngayo, yokulala kwemiphefumulo. Manje, ngiyaqonda ukuthi kunabantu phakathi lapha okukholwayo lokho, niyabo, ekulaleni kwemiphefumulo. Ngicabanga ukuthi Lolu luqinisa ukuthi lokho akunjalo. Ayilele. Iyaphila. Imizimba yayo, ilele. Kodwa, umphefumulo, awukho ethuneni, iseBukhloneni bukaNkulunkulu, niyabo, phansi kwe altare.

<sup>437</sup> Nakhu lapho engihluka khona kumfowethu othandeka kakhulu, uthisha. Futhi, ngiyaqaphela, ngiyazi ngibona abanye babantu bakhe behlezi lapha. Ukuthi, ngiyaqonda ukuthi lo uthisha omkhulu. Ungudokotela, no—noDokotela wezobuNkulunkulu, nePh., LL.D. Futhi uy—uyindoda elunge ngempela, futhi. Ngicabanga ukuthi sewashona, ngalesisikhathi. Kodwa wayeyindoda elungileyo, nombhali okahle. Futhi nguMfowethu Uriah Smith, umqambi walena ethi *uDanyeli neSambulo*. Manje, kinina bantu eningumlandeli wezimfundiso zakhe, niyabo, manje angi . . . nje angi . . . angifuni ukusho lokhu ngokuzidla, kodwa nje ngi . . . Niyabo?

<sup>438</sup> Kodwa, uMfowethu Smith, nokuzama ukusekela, niyabo, nokuzama ukusekela ukulala kwemiphefumulo, lapho uphatha ukuthi, “Umphefumulo uyalala. Futhi akukho-altare lomhlatshelo eZulwini. Ukuthi, okuyilona altare



okukhulunywa ngalo yi,” ukuthi a—akholwa ukuthi liseZulwini, “yialtare lempepho.” Kodwa kinina bantu abathandekayo... Futhi ngingehluki kumfowethu. Ngizo prob-...ngithemba ukuhlangana naye ngaphesheya, niyabo. Kungesikho ukwehluka kulowothisha omkhulu.

439 Kodwa ukunikhombisa nje ukuthi Lolu luqinisa ukuthi lokho akunjalo, niyabo. Luqinisa ukuthi akunjalo. Ukuvulwa kwaloluPhawu, ngalolusuku lokugcina, kuthatha nje ukulala kwemiphefumulo kuphume kuyothi ngqu endleleni. Niyabo? Iyaphila. Ayifile. Niyabo? Qaphelani.

440 Qaphelani lokhu manje. Manje, uma lingekho ialtare lomhlatshelo eZulwini, ubekwephi-ke umhlatshelo wesono, iWundlu na? Kuzofanele kube nendawo lapho leloWundlu elihlatshiwe, elinegazi, libekwe lapho, lapho iGazi...li.

441 Manje, impepho kwakungamaphunga, izinto ezinephunga ababezishisa, iBhayibheli elathi kwaku “yimikhuleko yabangcwele.” Uma kungekho mhlatshele ealtare, khona-ke imikhuleko ingemukelwe. KungeGazi kuphela, ealtare lomhlatshelo, elivumela imikhuleko yedulele kuNkulunkulu.

442 UMfowethu Smith wayenephutha, niyabo. Kungesikho ukuphikisana naye; ngicabanga ukuthi ngizenze ngacaca, ngothando lobuzalwane nezinhlonipho ngomsebenzi wakhe omkhulu, niyabo. Kodwa wayenephutha.

443 UPhawu lwesiHlanu lukuvulile lokho, niyabo, niyabo; eziningi ezinye izinto, uma nikubambile. Niyabo? Ngilindele imibuzo yami, niyabo, uma ngi...Kulungile.

444 Manje, wawukuphi umphongolo; elihlatshiwe, lalinyazwa, elophayo, iWundlu elinegazi lokubuyisana, ngalemikhuleko enephunga na?

445 Qaphelani, iBhayibheli lithi, “Uma lelidokodo lasemhlabeni lokuhlala kwethu lidilizwa, sinalo eselivele lilindile.” Yilapho engibone khona labo abangcwele. Niyabo?

446 Bhekisisani uma ingane...Ngiyaxolisa futhi, bodadewethu, ngalokhu ukukhuluma okusobala phambi kwabesifazane abasebasha. Kodwa, bukani. Uma umama ekhulelwe, nalesosigejane semisipha sitshikiza futhi sigxuma, niyaqonda, ngumzimba wemvelo. Futhi njengoba nje imvelo isebenza umzimba wemvelo... .

447 Sewake wamqaphela umkakho ngaphambi kokuba abantwanyana azalwe na? Uhlala njalo, eqhubeke njalo, okokugcina, uba nomusa ngempela, abenomoya omuhle. Uma ubengenjalo, konke ukuphila kwakhe, uyoba njalo ngaleyonkathi. Senake naqaphela ukuthi kubanjani ngobungcwele, noma uhlobo lokuzwa, uqaphela umama na?

448 Futhi nibona esinye isoni phandle lapho, sihlekisa ngomama o—ongowesifazane okhulelwe. Ngicabanga ukuthi lokho yisigcono. Lokho kungukuphila kuza ezweni.

449 Kodwa nike naqaphela, ngakulowo mama kubonakala kungukuzwa okumnandi na? Kuyini na? Ngumzimba wokomoya omncane, ukuphila kokomoya, kulindele ukufika kungene kulowo mzimba omncane masinya nje uma uzalwa. Manje isazelwe kuphela; kodwa, uma isizelwe yabelethwa, isizelwe yabelethwa. Umzimba wokomoya uhlangana nomzimba wemvelo.

450 Futhi, manje-ke, iBhayibheli lifundisa ukuthi manje sizelwe nguNkulunkulu. Sizelwe nguMoya oNgwele, ukuthi, phakathi kithi nguKristu, indodana kaNkulunkulu ibunjwa phakathi kithi. Futhi uma lomzimba wasemhlabeni udilizwa, lomzimba wokomoya uvela ezibilini zomhlaba, kunomunye umzimba olindele ukuwemukela. “Uma lelidokodo lasemhlabeni liqathazwa, kunomunye umzimba ukulemukela.” Lomzimba ofayo wembatha ukungafi. Lowasemhlabeni wembatha owasezulwini. Lona, niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Kunomzimba wemvelo onesono; kodwa, ekwenziweni kwawo, njengawo nje, ngomunye umzimba esiya kuwo.

451 Futhi nginokubonga kakhulu uNkulunkulu ukuthi ngingasho, njengomelusi wenu nomfowenu, ngibabonile labobantu, ngakho ngisize, bekulowo mzimba, futhi ngabaphatha ngezandla zami. Kunjalo. Qaphelani.

452 Bhekisisani. Bukani uMose, uElisha. Emva kokuba uMose esefile, noElisha esesiwe eZulwini, wama lapha eNtabeni yokuphenduka esinye iSimo nemizwa yakhe yokukhuluma, ezwa, eqonda, futhi wakhuluma noJesu ngaphambi kokubethelwa. Manje, hlobo luni lomzimba ayenalo na?

453 Bukani uSamuweli, emva kokuba esefile cishe iminyaka emibili. Wabizwa wabuya e—emgedeni ngalobobusuku, ngumthakathikazi waseEndori, futhi wakhuluma kuSawulu ngolwimi; wamuzwa uSawulu, waphendula, futhi wayazi phambili izinto eyayizokwenzeka. Noma kunjalo, umoya wakhe wawungakaguquki. Wayengumprofethi.

454 Uma umoya kaElija ufika phezu kwendoda, uyoyiqhuba njengoElija nje. Uyoya ehlane. Uyothanda ihlane. Uyoba ngozonda abesifazane abanesimilo esibi. Uyophambana nenhlangano. Akayikuncenga muntu. Nalokho nje yi. . . Lokho ngukuthi, lowo kuyoba ngumoya wakhe. Kwakuyiwo, njalo uma ufika, niyabo.

UMose uyoba ngumuntu ofanayo.

Manje, futhi siyathola, eSambulweni 22:8, into efanayo.

455 Manje, noma ukukuzazulula, ngalabo aba...Leyo miphefumulo (manje bhekisisani lokhu) phansi kwealtare, kokwepfulwa kwaloluPhawu, eyayikade ibulewe ngesikhathi phakathi kokufa kukaKristu nokwenyuka kweBandla; iqembu likaEichmann, nakho konke lokho, lawomaJuda angempela namagama awo eNcwadini. Uma uzobhekisisa, mfowethu, ngokomBhalo, babekwazi ukuxoxa, bamemeze, makhulume, bezwe, futhi benayo yonke imizwa emihlanu. Bengalele ethuneni, bequlekile. Babephapheme kakhulu impela, futhi bekwazi ukuxoxa, ukukhuluma, ukuzwa, noma yini enye. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] O, sisize!

456 Imizuzu emibili. Amen. Ngidabukile nginhlalise ingxenye yehora. Qhabo, ngingeke, angifanele ngikusho lokho, niyabo. Niyabo? Kunjalo, niyabo.

457 Kodwa, bukani, nakhu okwedlula konke ukuqonda kwami, ukwedlula konke. Futhi ngokwesambulo enginikwe sona kulokhu ukusa ngaphambi nje kokusa, yiNkosi uJesu Kristu, nanto uPhawu lwesiHlanu oluvuliwe, ukuhamba nezinye ezine. Ngomusa waKhe, Unginike lona, umusa waKhe kini nami. SiyaMbonga ngaLo. Futhi, ngosizo lwaKhe, ngihlose ukuphila ngokusondela kakhulu i...njengoba ngingaphila, ngifundisa abanye ukwenza into efanayo, ngize ngibonane naYe, nani, eNkazimulweni, lapho zonke izinto sezedlule. NgiyaMthanda ngalokhu, futhi kungukwazi kwami okwedlula konke kuLo.

458 Futhi ngikholwa ngeqiniso, ngayoyonke inhliziyoyami, ukuthi izambulo zeqiniso zokwambulwa kolokuQala, olwesiBili, olwesiThathu, olwesiNe, noPhawu lwesiHlanu, manje lwembulwa kithi.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda  
Ngoba Wangithanda kuqala

[UMfowethu Branham ngokuthula ukhuluma nomunye—Umhl.]

Emthini waseKalvari.

[UMfowethu Branham uqala ukuhamisha elithi *NgyMthanda*—Umhl.]

459 Manje, ngokuthula, ngenhlonipho yokuzithoba, phambi kukaNkulunkulu! Njengoba silubonile loluPhawu lwembulwa kithi, uNkulunkulu ezothatha abantwana baKhe uQobo abathandekayo bese ephuphuthekisa amehlo abo, bese ebathuma, ngoba ubulungiswa—ubulungwisa baKhe uQobo budinga ukwahlulelwa kwesono. Kucabangeni. Ubulungiswa baKhe, nobungwele baKhe budinga ubulungiswa. Umthetho ongenanhlawulo awusiwo umthetho. Nemithetho yaKhe uQobo, qobo lwaKhe, Angeyishaye indiva abe esalokhu ehleli enguNkulunkulu.

460 Yingalesosizathu uNkulunkulu wadingeka abe ngumuntu. Wayengethathe isibambiso, indodana eyayinga...indodana eyayejwayelekile nje kuYe, noma into ethize. UNkulunkulu waba yikho kokubili, uJesu waba yikho kokubili iNdodana noNkulunkulu, indlela kuphela Ayengakwenza ngokulunga. UNkulunkulu wadingeka ukuba athathe inhlawulo, qobo lwaKhe. Kwakungeke kulunge, ukuyibeka phezu komunye umuntu, omunye umuntu. Ngakho, uMuntu kaJesu wayenguNkulunkulu, ebonakaliswe enyameni, ebizwa ngoEmanuweli.

461 Futhi ukwenza lokho, nokuthatha uMlobokazi, nokusindisa isigejane esilahlekile sabeZizwe abangabahedeni, Wadingeka aphuphuthekise abantwana baKhe uQobo. Bese-ke ebajezisa ngakho, enyameni, ngokwenqaba. Kodwa umusa waKhe wahlinzeka izingubo ezinde. Kodwa, ukuPhila, niyabona ukuthi kwenzekani.

462 Futhi uma Adingeka enze lokho, ukuze thina sibe nethuba, singalidelela kanjani lelothuba othandweni na? Uma kukhona kulendlu, kulobubusuku, lowomuntu, abasha noma abadala, othe kuze kube yilesisikhathi wadelela lelothuba elabiza uNkulunkulu inani elingaka, futhi ungathanda ukwemukela lokho okunikwa uNkulunkulu, kulobubusuku; ukuthi awudingeki ukuba u, njengoba sazi njalonjalo, ukuba ngumfeli'khola, nakuba ungaba uye. Kodwa ingubo ende emhlophe inhlinzekelwe wena. Futhi uma uNkulunkulu engqongqotha enhliziyweni yakho manje, awuyimukeli ngani na! [UMfowethu Branham ungqongqotha phezu kwetafula kathathu—Umhl.]

Manje asikhothamise amakhanda ethu futhi.

463 Uma lowo muntu, noma abantu, bephakathi lapha, ofisa lokho, noma ofuna ukukwemukela phezu kwezisekelo zokukholwa kwakho eGazini elichithekileyo uNkulunkulu alichithela wena, wezwiswa ubuhlungu obungaphezu kwanoma yini noma yisiphi esinye isidalwa esisazofa. Kwakungebekhona sidalwa esisazofa esizwa ubuhlungu kanjalo. Kwaze kwathi, ubuhlungu baKhe uQobo behlukanisa amanzi aKhe neGazi laKhe, emithanjeni yaKhe. Ngaphambi kokuba Aye eKalvari, amaconsi eGazi laliphuma emzimbeni waKhe, ngobuhlungu obukhulu nenhliziyo eyaphukile lokho Ayezokwenza. Kodwa, wayengakwala, futhi. Kodwa, ngokuvuma wakwenzela wena nami. Ungalwenqaba uthando olungaqhathaniseki olunjalo na?

464 Futhi niyakubona lokho manje, ngokuvulwa kwaleziziMpawu; yilokho enikwenzile, nalokho uNkulunkulu anenzele khona. Futhi senilungele ukunikela ngempilo yenu kuNkulunkulu, futhi uma Ezonithi hlwi ezandleni zomphikikristu enikuzo manje na? Ningakwemukela Athembisa ukuninika khona, ngokuvele nje uphakamisele isandla

sakho kuYe, uthi, “Nkulunkulu, ngalokhu, ngiyakhombisa. Ngiyakwemukela lokho engithenjiswa ukunikwa khona komusa.”

465 “Futhi, Mfowethu Branham, ngiyayifisa imikhuleko yakho, ukuthi ngiyohlala njalonjalo ngethembekile.”

466 Phakamisa isandla sakho, futhi ngizokhuleka. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Kusho ngempela manje. Unga—ungakwenzi ngaphandle uma ukusho ngempela. Futhi khona lapho ohlezi khona, kwemukele khona lapho. Isizathu, khumbula, ubungeke usiphakamise isandla sakho ngaphandle uma ikhona Into ekutshela ukuba ukwenze. Futhi ayikho enye into ebingakwenza kodwa uNkulunkulu.

467 Ngakho, manje, uma nibona imiBhalo isombululwa ngokuphelele kangaka! Niyabona ukuthi bekuqhubekani, kusukela phansi eminyakeni, iminyaka embalwa edlule, iminyaka engamashumi amabili noma amashumi amathathu. Niyakubona kuqinisekiswa ngokuphelele. Niyawubona umBhalo usho khona impela okwenzekile, nokulungela ukwenzeka. Manje-ke, phezu kwezisekelo zokukholwa emsebenzini kaKristu, lapho enihlezi khona khona manje, futhi niphakamise izandla zenu, nithi, “Kusukela kulomzuzu kuqhubeka, sekuxazululiwe. Ngithatha uKristu manje abe nguMsindisi wami. Futhi ngizoMphilela, zonke izinsuku zokuphila kwami. Futhi ngifisa uNkulunkulu ukuba angicwalise ngoMoya oNgcwele.” Futhi uma ubungakabhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu, ichibi lizobe likulindele.

#### Asikhuleke.

468 Nkosi Nkulunkulu, bekunesinye isibalo esikhulu sezandla phakathi kwabantu, eziphakamileyo. Ngiqinisekile ukuthi Uyiyo impela iNkosi uJesu ofanayo owasenzela ukubuyisana, eminyakeni eminingi eyedlula. Nangokubona lezoziMpawu zembulwa, nezinto ezinkulu eyenzekile khona lapha eminyakeni embalwa edlule, ngikholwa ngayo yonke inhliziyo yami ukuthi umnyango wesihawu uqala ukuvala, futhi Usulungele ukuthatha uhambo lwaKho manje ukuhlenga abantu baKho. Ngenkathi indawo isekhona, nomnyango uvuliwe, njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kwangathi lemiphefumulo ethandeka kakhulu ohlala emzimbeni walelidokodo elizodilizwa ngolunye usuku, eliphakamise lesosandla esisazokufa, kwingaphakathi labo; ngenxa yokuhlabeleka kwabo—kwabo nokusho kwabo, ukuthi bayakholwa futhi bafuna ukwemukela isiphakamiso saKho kubo, sensindiso, kuleNcwadi evuliwe enamatheliswe ngezimpawu evulwe kithi. Baphe, kulobubusuku, Nkosi, ingubo ende yokulunga kukaJesu Kristu, bese wembesa umphefumulo wabo kuleyo, ukuze bame phambi kwaKho ngaloloSuku eselusondele eduze, oluphelele, ngeGazi likaKristu.

<sup>469</sup> Nkosi Nkulunkulu, uma bebengakabhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu! Naphezu kwesambulo Onginika sona mayelana nawo; nokubona ukuthi uPawulu wayala abantu abase bebhaphathizwe ngisho nanguJohane umBhaphathizi, ukuba baphinde babhaphathizwe futhi eGameni likaJesu Kristu, ukuze bemukele uMoya oNgcwele, eZenzweni 19. Ngicela ukuthi Uzobabonisa, Nkosi, ngeQiniso, futhi kwangathi bangaKulalela.

<sup>470</sup> Bese kuthi-ke ekulaleleni kokwemukela kwabo, nokulalela ekuvumeni kwabo, nasemanzini; kwangathi Wena, ngokuphendula, ungabagwalisa ngoMoya oNgcwele, ngamandla enkonzo, zonke izinsuku zokuphila kwabo. Ngibanikela kuWe manje, eGameni leWundlu likaNkulunkulu elihlatshiwe, uJesu Kristu. Amen. Amen.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda  
 Ngoba Wangithanda kuqala  
 Wang'thengel'insindiso  
 Emthini waseKalvari.

<sup>471</sup> Manje, kinina ebeniphakamise izandla zenu. Lalelani ukuyala kukaMoya, eningalandela i—inqubo yeZwi, ngesoni esiphendukile. Ilandeleni, ngezenzo zonke. NoNkulunkulu waseZulwini anivuze ngokuMmela kwenu. INkosi inibusise.

<sup>472</sup> Kusasa ebusuku, phathani amapensela enu namaphepha, manje, njengoba benenza. Sibheke ukuba lapha ngesikhathi esifanayo, ligamenxe elesikhombisa, nqo, iNkosi ithanda. Futhi nge . . . ningikhulekele, ukuthi uNkulunkulu uzongivulela uPhawu lwesiThupha, kusasa, ukuthi ngizokwazi ukuLuletha kini njengoba Enginika Lona. Kuze kube ngaleyonkathi, siyacula futhi. Hhayi kuphela ngamahubo, kodwa ngezindumiso zaKhe owafa esikhundleni sethu futhi wasihlenga. *Ng'yaMthanda*. “Ngi . . .”

Nangu umelusi wenu manje.

. . . Mthanda, ng'yaMthanda  
 Ngoba Wangithanda kuqala.



*ISAMBULO SE ZIMPAWU EZIYISIKHOMBISA*  
(The Revelation Of The Seven Seals)

LemiLayezo eyishumi ngoMfowethu William Marrion Branham okokuqala yethulwa ngesiNgisi ngoMashi 17 kwaze kwayoba nguMashi 24, 1963, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., noPhawu lwesiKhombisa lwaqhubeka ngoMashi 25 eSherwood Motel. Ngokuthola acace kakhulu naphелеle kakhulu amateyipu asekuqaleni, lemiLayezo iphinde yenziwa ngokwesimo samanje. Kwenziwe yonke imizamo ukwedlulisa ngokucophelela uMlayezo womlomo usuka eziqophweni zeteyipu kazibuthe uya ekhasini elishicilelwe. Lokhu kuhunyushwa kwesiZulu okungafinqiwe kushicilelwe ngabe Voice of God Recordings.

Onke amalungelo kulencwadi agodliwe. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ishicilelwe, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume eshiwoyo ebhaliwe ye William Branham Evangelistic Association.

ZULU

©2017 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)